# *Ukuhlakanipha kukaNkulunkulu*

*Isingeniso eMpikiswaneni Enkulu*

Adrian Ebens

adrian@life-matters.org
maranathamedia.co.za/zu

Ihunyushwe nguTommy Makhura

## Okuqukethwe

1. Baba Wethu ........ 4

2. Mnini wakho konke ........ 4

3. Ukuhlakanipha kukaNkulunkulu ........ 10

4. Ukulingana ........ 14

5. Intando ........ 17

6. Inkinga yakhula ........ 18

7. Ngokomfanekiso Wakhe ........ 22

8. uYise wamanga ........ 27

9. Isintu Sidukiswa ........ 29

10. Iqoqo Lokubalulekile ........ 34

11. Izindlela ezimbili ........ 35

12. Izisekelo zeBabel ........ 37

13. Ingqikithi yeBabiloni ........ 41

14. Umuqa nendlela yokwehla ........ 45

15. Ubizo lokuphuma eBhabhiloni ........ 51

# 1. Baba Wethu

Uma abafundi bakaJesu beza kuye ngesinye isikhathi, benza isicelo esibaluleke kakhulu:

> **Luka 11:1** Kwathi ekhuleka endaweni ethile, esegcinile, omunye wabafundi bakhe wathi kuye: Nkosi, sifundise ukukhuleka, njengokuba uJohane naye wabafundisa abafundi bakhe.

Impendulo abanika yona isitshela okuqavile kakhulu ekumele sikwazi ngoNkulunkulu. Isenzo sokuthandaza singukufisa ukukhuluma nokuxhumana noNkulunkulu. Igama lokuqala elasetshenziswa nguJesu lichaza indikimba yoqobo lukaNkulunkulu nokuthi ungubani. Lena yindlela asitshele ukuthi sikhulume noNkulunkulu ngayo uma sithandaza.

> **Luka 11:2** Wayesithi kubo: "Nxa nikhuleka, anothi: "Baba wethu osezulwini

Baba wethu. Kukho konke esingakubuka ngoNkulunkulu, ngaphezu kwakho konke uNkulunkulu unguBaba. Lencazelo esobala isitshela okuningi ngoNkulunkulu. Isitshela ukuthi ngaphezu kwayo yonke into uNkulunkulu unguNkulunkulu wobudlelwane. Ufuna sikhulume naye njengelungu lomndeni wethu. Igama elithi Baba aligcini ngokukhuluma ngemikhono na mandla kuphela, kodwa libuye likhulume ngobudlelwane nangokuhlobana kwakhe nomhlaba wonke. UnguBaba nomsuka wakho konke. Ingabe unguBaba onjani na uNkulunkulu?

Ngesinye isikhathi uMose ekhuluma noNkulunkulu, wamcela ukuthi abone inkazimulo kaNkulunkulu, noma uqobo lwakhe,

lokhu okwakuyigugu kakhulu ngaye. Lena yindlela uNkulunkulu amphendula ngayo:

> **Eksodusi 34:5,6** UJehova wehla ngefu, wema naye lapho, wamemezela igama likaJehova. UJehova wadlula phambi kwakhe, wamemeza wathi: "NguJehova! NguJehova! NguNkulunkulu ogcwele isihe, onomusa, ophuza ukuthukuthela, novame ubumnene neqiniso.

Qaphelisisa ukuthi uNkulunkulu wamkhomba ini na uMose. Wa khuluma ngesimilo sakhe. Lena yinto eyigugu kunazozonke ngoNkulunkulu, isimilo sakhe. Unesihe, nomusa, nokubekezela, ucicima ngobuhle neqiniso. Kulomhlaba esiphila kuwo, isimilo esinje asivamanga, kepha uma sivela kwabanye, iningi lethu siyakuthokozela. Umphostoli uJohane uqoqa isimilo sikaNkulunkulu ngokuthi:

> **1 Johane 4:8** Ongathandi akamazi uNkulunkulu, ngokuba uNkulunkulu uluthando.

UNkulunkulu unguBaba othandayo futhi onakekela yonke indalo yakhe. Manje-ke, ingabe indalo kaThixo ijule kangakanani na? IBhayibheli lisitshela ukuthi unguBaba ezulwini nasemhlabeni.

> **Efesu 3:14,15** Ngenxa yalokho ngiguqa ngamadolo ami kuYise we Nkosi yethu uJesu Krestu, eyethiwa ngaye imindeni yonke ezulwini nasemhlabeni

Umhlaba wonke ungokaBaba wethu osezulwini kanti wonke umuntu emhlabeni uyilungu lomndeni wakhe. Sesingalingeka ukucabanga ukuthi ngabantu abaningi kangaka emhlabeni, uNkulunkulu akakwazi ukucabanga ngathi sonke, futhi abanye sebangakhohlakala, kodwa lalela ukuthi uJesu wathini ngalokhu.

**Luka 12:6,7** Akuthengwa yini imizwilili eyisihlanu ngezindibilishi ezimbili na? Akukhohlakele namunye kuyo emehlweni kaNkulunkulu. Kodwa nezinwele zekhanda lenu zibaliwe zonke. Maningesabi; nidlula imizwilili eminingi.

UNkulunkulu akakhohlwa muntu. Wazi konke ngathi futhi uyanaka kangaka ngezimpilo zethu ngabanye, ngalokho esikwenzayo, nesikucabangayo. Eqinisweni uhlezi ecabanga ngathi njalo.

**Amahubo 40:5** Jehova Nkulunkulu wami, ziningi izimangaliso zakho ozenzileyo, nezizindlo zakho ngathi; akukho okungafaniswa nawe; uma ngiyilanda, ngiyisho, miningi kunokuba ibalwe.

UNkulunkulu unemicabango emihle ngathi, uphupha ngalokhu esingaba yikho.

**Jeremiya 29:11** "Ngokuba ngiyazi mina imicabango engiyicabanga ngani," usho uJehova, "imicabango yokuthula kungengeyobubi ukuba ngininike ithemba kanye nesikhathi esizayo.

Konke okuhle esinakho kuvela kuye.

**Jakobe 1:17** Izipho zonke ezinhle neziphiwo zonke ezipheleleyo zivela phezulu, zehla kuYise wokukhanya okungekho kuye ukuguquka nasithunzi sokuphenduka.

Isibonakaliso esiyisimanga esiveza indlela uNkulunkulu azizwa ngayo ngathi singabantu ngamazwi awakhulume ngombhabhathiso weNdodana yakhe ezelwe yodwa - UJesu. Naku akushilo:

**Mathewu 3:17** "Lo uyiNdodana yami ethandekayo engithokozile ngayo."

UNkulunkulu wathanda iNdodana yakhe ingumuntu. Ethokoze kakhulu ngayo. Okumangalisayo ngaloku kungukunaka, nokuqaphela

ukuthi uJesu uyiNdodana kaNkulunkulu, nathi singaba namava afanayo, ngokwamukeleka ngokufanayo.

> **Efesu 1:6** Ukuze kutuswe inkazimulo yomusa wakhe asiphe wona ngesihle ngaye oThandiweyo.

Sizohlolisisa ngokujulile indima kaJesu, nesizathu sokuthi eze emhlabeni, nokuthi kungani singamukeleka futhi kumele samukeleke ngenxa yakhe. Iphuzu okumele siligqamise lapha ngelokuthi uNkulunkulu unothando futhi unguBaba omnene okhathala kakhulu ngathi, onaka zonke izinto ezenzeka ezimpilweni zethu.

## 2. Mnini wakho konke

Esahlukeni esidlule sibonile ukuthi uNkulunkulu unguBaba othandayo, ocabanga ngathi njalo, futhi onemicabango namaphupho ngathi ngekusasa lethu. Sibonile futhi ukuthi unguBaba wakho konke okwavelayo. Kulesahluko, sizobuka ukuthi ngeziphi iziqu ezivumela uNkulunkulu abe yilokhu ayiko, enze nezinto azenzayo.

Into yokuqala iBhayibheli lisitshela ukuthi uNkulunkulu ungumbusi neNkosi yakho konke.

> **1 Korinte 8:6** Nokho kithina kukhona uNkulunkulu munye, uYise, okuvela kuye konke...

> **1 Thim 1:17** Kuyo iNkosi yaphakade engabhubhiyo, engenakubonwa, uNkulunkulu [ohlakaniphe] yedwa, makube ludumo nenkazimulo kuze kube phakade naphakade. Amen.

> **Dute 6:4** Yizwa, Israyeli: uJehova uNkulunkulu wethu, uJehova, munye:

UBaba unguNkulunkulu okuvela kuye konke. UNkulunkulu akamukelanga mandla, nakuhlakanipha kumuntu. Konke esikubonayo kuvele kuye.

> **Isa 40:10-15** Bhekani, iNkosi uJehova iyeza [ngesandla] esinamandla; ingalo yayo iyakumbusela; bhekani, umvuzo wayo inawo, inkokhelo yayo iphambi kwayo. Iyakwalusa umhlambi wayo njengomalusi,

ibuthe amawundlu ngemikhono yayo, iwagone esifubeni sayo, ihole kahle izindlezane. Ngubani olinganise amanzi entendeni yesandla sakhe, walinganisa izulu ngeminwe eyeluliweyo, wahlanganisa uthuli lwehlabathi esilinganisweni, walinganisa izintaba ngezikalo, namagquma ngezisindo, na? Ngubani oqondisile uMoya kaJehova, wamfundisa engumaluleki wakhe, na? Walulekana nobani waze wamqondisa, wamfundisa indlela yokwahlulela, wamnika ukwazi, wamazisa indlela yokuqonda, na? Bheka, izizwe zinjengothonsi kwasesitsheni, zibalwa njengothuli lwesilinganiso; bheka, iziqhingi uyaziphakamisa njengothuli olucolekileyo.

**Amahubo 36:7-9** Ububele bakho, Nkulunkulu, buyigugu elingaka; abantwana babantu bakhosela ethunzini lamaphiko akho. Bayakusutha ngamanoni endlu yakho, ubaphuzise okomfula wokuthokoza kwakho. Ngokuba ukuwe umthombo wokuphila; ekukhanyeni kwakho siyakubona ukukhanya.

UNkulunkulu ungusomandla, okusho ukuthi amandla wakhe awanakulinganiswa, awanamphelo; Amandla ka Nkulunkulu angaphezu kokucabanga konke. Akekho ongafundisa uNkulunkulu ngoba wazi lonke ulwazi, loku sikubiza ngokuthi *omniscience*. Lonke ulwazi nokuhlakanipha kuvela kuye.

Lawa mandla nokuhlakanipha kugeleza kithi ngoMoya wakhe onjengomfula.

**IsAmbulo 22:1** Wayesengikhombisa umfula wamanzi okuphila ucwebezela njengekristalu, uvela esihlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu neseWundlu.

**AmaHubo 46:4,5** Ukhona umfula omanzi awo athokozisa umuzi kaNkulunkulu, indlu engcwele yoPhezukonke. UNkulunkulu uphakathi kwawo, awuyikuzanyazanyiswa; uNkulunkulu uyakuwusiza ngovivi lokusa.

NgoMoya wakhe uNkulunkulu ukwazi ukuba ezindaweni zonke ngesikhathi esisodwa. Lokhu kubizwa ngokuthi *omnipresence*. Futhi, kunzima ukuqonda ukuba njani kodwa qaphela lithini iBhayibheli:

**Amahubo 139:7-10** Ngiyakuyaphi ngisuke emoyeni wakho, na? Ngiyakubalekelaphi, ngimuke ebusweni bakho, na? Uma ngikhuphukela ezulwini, wena ulapho; uma ngendlala icansi lami endaweni eyabafileyo, bheka, nangu wena. Uma ngithabatha amaphiko okusa, ngiye ngihlale emikhaulweni yolwandle, nalapho isandla sakho siyakungihola, esokunene sakho singibambe.

Lomfula ungumfula wokuphila, zonke izithako nemiqobelo edingeka ukuthi sibe nempilo kuseMoyeni wakhe kanti kunguMoya wakhe kithi osigcina siphila nenhliziyo zethu zishaya.

**IzEnzo 17:24-28** UNkulunkulu owenza umhlaba nakho konke okukuwo, yena oyiNkosi yezulu nomhlaba, akahlali emathempelini enziwe ngezandla; futhi akakhonzwa ngezandla zabantu ngokungathi udinga utho, yena obapha bonke ukuphila nokuphefumula nakho konke; wazenza izizwe zonke ngegazi linye ukuba zakhe ebusweni bonke bomhlaba, wamisa izikhathi ezinqunyiweyo nemikhawulo yokuhlala kwazo, ukuze zifune uNkulunkulu, ingabe zingamuzwa, zimfumane; ingani kakude kulowo nalowo kithi. Ngokuba siphila, sihamba, sikhona kuye," njengalokho izimbongi ezithile zakini zishilo zathi: 'Ngokuba futhi siyinzalo yakhe.'

Manje-ke, sesigoqa siyabona ukuthi uNkulunkulu munye, onamandla-onke, onolwazi-lonke futhi osendaweni-zonke ngoMoya Wakhe. Ngokuba akukho mandla ombuso negunya elingaveli kuNkulunkulu; nalawa akhona amiswe nguYe.

## 3. Ukuhlakanipha kukaNkulunkulu

Kuyamangalisa ukucabanga ukuthi umuntu onamandla-onke, nakuhlakanipha-konke angazithola esesimeni lapho wayengakwazi ukwenza into ethile. Into eyayibaluleke ngangokuthi ngaphandle kwayo, uNkulunkulu uBaba wayengeke akwazi ukumisa umbuso wakhe.

Uma sibheka umphumela wokuthi konke ukuphila, namandla, nokuhlakanipha kuvela kuNkulunkulu, siyabona ukuba uNkulunkulu wayengakwazi ukudala izigidi zezidalwa zigcwale emhlabeni, ebuye ezitshele okokwenza. Kwakudingeka qala ukuthi emfuleni ogeleza uvela esihlalweni kubekhona amandla okuthobela nokuthembela kuNkulunkulu, nokugcina indlela yakhe yokwenza izinto.

Inkinga ngeyokuthi uNkulunkulu akathobeli muntu, futhi akadingi kulalela muntu, noma elandele indlela yomunye umuntu yokwenza izinto, ngako wayengakwazi ukunika ngalezizimpawu. Zazingekho emfuleni. Ngokuhlakanipha okukhulu, uNkulunkulu wazala iNdodana, ngokomfanekiso wakhe, wayinika leNdodana konke ayenako. Bese waqala ngokudala konke Ngayo. Qaphela:

> **KumaHeberu 1:1-5** UNkulunkulu esekhulumile endulo kokhokho ngabaprofethi ngamathuba amaningi nangezindlela eziningi, ekugcineni kwale mihla ukhulume kithina ngeNdodana ayimise ibe yindlalifa yakho konke, awadala ngaYo futhi izwe. Yona ethi ingumenyenzela kwenkazimulo Yakhe, ifuze Yena uqobo, iphasa konke ngezwi lamandla ayo, isiyenzile ukuhlanzwa kwezono, yahlala ngakwesokunene soMkhulu kweliphezulu, seyaba nkulu kunezingelosi, njengalokhu igama eliyifa layo likhulu kunelazo. Ngokuba yiyiphi yezingelosi ake asho kuyo ukuthi: "UyiNdodana yami wena, namuhla ngikuzele," na? Nokuthi: "Ngiyakuba nguYise kuyona, Yona ibe yiNdodana kimina," na?

> **Johane 5:26** Ngokuba njengalokhu uYise enokuphila ngokwakhe, kanjalo uyiphile neNdodana ibe nokuphila ngokwayo.

> **Johane 5:19** Khona uJesu waphendula, wathi kubo: "Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: INdodana ingenze lutho ngokwayo, kuphela lokho ebona uYise ekwenza, ngokuba lokho ebona uYise ekwenza, ngokuba lokho akwenzayo yena, neNdodana iyakwenza kanjalo.

**Johane 8:29** “Ongithumileyo unami, kangishiyanga ngedwa, ngokuba ngenza njalo okuthandeka kuye.”

**Johane 8:42** Wathi kubo uJesu: “uma uNkulunkulu ebenguyihlo, beniyakungithanda mina, ngokuba ngafika ngivela kuNkulunkulu; ngokuba angizizelanga ngokwami, kepha Yena ungithumile.

**Kolose 2:8-10** Xwayani funa kube khona onithumbayo Ngokuhlakanipha nangenkohliso eyize njengokwemvelo yabantu, njengezifundiso zokucathula kwezwe, kungenjengokukaKristu. Ngokuba kuhlala kuye ngokomzimba ukugcwala konke kobuNkulunkulu; nigcwalisiwe kuye, yena oyinhloko yemibuso yonke namandla

Konke okwakudingeka embusweni kaNkulunkulu kuhleli kutholakala eNdodaneni Yakhe; amandla, ukuhlakanipha, ukuphila kodwa manje nako ukuthemba nokulalela, nokuthobela igunya likaBaba; nokuba namava wothando nokwamukeleka kuBaba. INdodana kaNkulunkulu ingukugcwala kukaNkulunkulu uqobo, iyisisekelo esiphelele sombuso kaNkulunkulu.

**Isaya 28:16** Ngalokho ithi Inkosi uJehova: “Bheka, ngibeka eSiyoni itshe lesisekelo, itshe elivivinyekileyo, itshe legumbi elinqabileyo lesisekelo esiyiso; okholwayo kayikubaleka.

**Filipi 2:9-11** Ngalokho-ke uNkulunkulu wamphakamisa kakhulu, wamnika igama eliphezu kwamagama onke, ukuze kuthi ngegama likaJesu amadolo onke aguqe, awabasezulwini, nawabasemhlabeni, nawabangaphansi komhlaba, nezilimi zonke zivume ngokuthi UJESU KRISTU UYINKOSI, kube yinkazimulo kuNkulunkulu uYise.

Njalo-ke uBaba uphakamisile iNdodana wamenza amandla kaNkulunkulu nesibonelo emhlabeni wonke. Manje Nkulunkulu wayezothumela uMoya weNdodana ezimpilweni zayo yonke into edaliwe ukuzinike ukuphila, ukunaka izibusiso kanye nokwazi kokuthobela, ukulalele ngokwethemba. Ngaphandle koMoya kaKrestu ngeke sazi ukuthobeka, ukuthemba nokumlalele uNkulunkulu. Qaphela lithini iBhayibheli.

**IsAmbulo 22:1** Wayesengikhombisa **umfula wamanzi okuphila**, ucwebezela njengekristalu, uvela esihlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu **neseWundlu.**

**Johane 15:26** “Nxa efika uMduduzi engiyakumthumela kini evela kuBaba, uMoya weqiniso, ophuma kuBaba, nguyena oyakufakaza ngami.

**AmaRoma 8:9,10** Kepha nina anisenyameni, kodwa nikuye uMoya, uma uMoya kaNkulunkulu ehlala kini. Kepha uma umuntu engenaye uMoya kaKristu, lowo kasiye owakhe. Uma uKristu ekini, umzimba ufile ngenxa yesono, kepha umoya ungukuphila ngenxa yokulunga.

Lesi yisizathu uJesu ebizwa ukuthi ungukuhlakanipha namandla kaNkulunkulu. Ubuntu nesiqu sikaKrestu bulethwa nguMoya kaNkulunkulu emhlabeni kuyo yonke into eyadalwa. Kungukuhlakanipha kukaKrestu okufika ezinhliziyweni zethu kusifundise ukuthi simthanda, simlalela njani uBaba, yimpilo kaKrestu eyenza nemizwa yethu ishukume, esigcina nathi siphila.

**1 Korinte 1:24** Kepha kubo ababiziweyo, abaJuda namaGreki, sishumayela uKristu, amandla kaNkulunkulu nokuhlakanipha kukaNkulunkulu.

**1 Korinte 1:30** kepha ngaye nikuJesu Kristu owenzelwe thina ukuhlakanipha okuvela kuNkulunkulu nokulunga kanye nokungcweliswa nokuhlengwa,

Ngakho-ke nguMoya kaKrestu usemuntwini onikeza ukuhlakanipha kokwenza izinto, onikeza nokulunga. uSolomon wakhuluma ngaloku nangokuthi ukuhlakanipha kusebenza njani emhlabeni.

**Izaga 8:12-21** Mina, kuhlakanipha, ngakhile ekuqondeni, ngithola ukwazi namasu. Ukumesaba uJehova kungukuzonda okubi; ukuzidla, nokuzikhukhumeza, nendlela embi, nomlomo wobuphoxo, ngiyakuzonda. Kumina kukhona ukululeka nemphumelelo; ngingukuqonda nginamandla. Amakhosi abusa ngami, namakhosana, bonke abahleli bomhlaba. Ngiyathanda abangithandayo; abangifunayo [ngovivi lokusa] bayakungifumana. Ingcebo nodumo kukimi, ukunotha okumiyo nokulunga. Isithelo sami sihle kunegolide, kunegolide elicwengekileyo, nenzuzo yami kunesiliva elikhethekileyo. Ngiyahamba endleleni yokulunga, phakathi kwemikhondo yokwahlulela, ukuze ngenze abangithandayo badle ifa lemfuyo, ngigcwalise izindlu zabo zengcebo.

Uqhubeka ngokuchaza indlela uNkulunkulu azale, wamisa iNdodana Yakhe.

> **Izaga 8:22-31** UJehova *wangi[THWALA]* ngingukuqala kwendlela yakhe ngaphambi kwemisebenzi yamandulo. Ngamiswa kwaphakade kwasekuqaleni, umhlaba ungakabikho. Lungakabikho utwa ngazalwa, ingakabikho imithombo egcwele amanzi. Zingakasekelwa izintaba namagquma engekabikho, ngazalwa, engakawenzi umhlaba namasimu, nokuqala kothuli lwezwe. Ekulungiseni kwakhe izulu ngangikhona, nasekudwebeni kwakhe umkhathi ebusweni botwa. Lapho enza ukuba isibhakabhaka phezulu siqine, nemithombo yotwa iphuphume ngamandla, lapho emisela ulwandle umncele, ukuze amanzi engeqi izwi lakhe, nalapho emisa izisekelo zomhlaba, khona nganginaye ngiyingcweti yomsebenzi, ngiyintokozo yakhe imihla ngemihla, ngijabula phambi kwakhe isikhathi sonke, ngijabula ezweni lomhlaba wakhe, intokozo yami ikanye namadodana abantu.

Makabongwe uBaba ngenxa yeNdodana, ngaphandle kwayo umhlaba, umbuso ubungena kuma, wenze lutho, akukho okwakuzohamba kahle. Manje-ke sibona ukugcwala kobuNkulunkulu kulethwe ndawonye. UBaba nguNkulunkulu weqiniso yedwa, ongumsuka wakho konke. Wazala iNdodana, okuyiyo ayinika zonke izinto. Kuyo iNdodana kuvela yonke imiqobelo edingeka ukuba umbuso ume, usebenze. Amandla nokuhlakanipha uma kuhlangana nokuthobela nokulalela ngokwethemba. Ubuntu nesiqu seNdodana bugelezela wonke umhlaba ngoMoya kaNkulunkulu osendaweni zonke. Luhlelo oluhle kakhulu, kanti uNkulunkulu uhlakaniphe kakhulu ukuhlela ngalendlela.

UPhawule uyisonga kahle kakhulu nxa ethi:

> **1 Korinte 8:6** nokho kithina kukhona uNkulunkulu munye, uYise, okuvela kuye konke, nathi sikhonela yena, neNkosi inye, uJesu Kristu, okungaye konke, nathi sikhona ngaye.

## 4. Ukulingana

Esahlukeni esidlule sibukile ukuhlakanipha kukaNkulunkulu okumangalisayo ngokubeka isisekelo sombuso wakhe, umhlaba wonke. Ukuzala iNdodana igcwele ngobuNkulunkulu, wenza loku kugcwala kobuNkulunkulu kuhanjiswe ezinhliziyweni zako konke okudaliweyo ngoMoya kaNkulunkulu. Okulandelayo akwenzayo uNkulunkulu kwaba yincazelo ebaluleke kakhulu yokulingana kwezidalwa zakhe kungakhathazekile izikhundla ezimi kuso.

UBaba wanikeza iNdodana yakhe igunya ukuba alingane naye. Qaphelisisa ukuthi ukulingana kweNdodana akuzanga ngamandla awaphiwa, kodwa ngenxa yegunya likaBaba kanye nesibusiso sakhe. Uma kuthiwa iNdodana ilingana noBaba ngoba inamandla Wakhe, loku kusho ukuthi incazelo yokulingana kwabo iyame ekutheni balingana ngamandla. Lencazelo ibeka iNdodana esimeni engakwazi ukubonakalisa ukulingana kwakhe ngokuveza Amandla. Loku yikho oyekufuna uSathane ehlane; ukubonakalisa ngesenzo esikhulu (ngamandla) ukuxhumana kwakhe noBaba. Ngenhlanhla iNdodana iphumula ezwini elibusisiwe likaBaba. INdodana ithemba uBaba kanti ayidingi kuzibonakalisa kumuntu. Ubudlelwane bukaBaba neNdodana bungumgangatho babonke ubudlelwane embusweni noma emhlabeni. Bonke ubudlelwane obukhona kuzo zonke izidalwa busekelwe ngubudlelwane babo. uBaba nguye owenza iNdodana ibe ngelingana naye.

> **Filipi 2:5,6** Mawube kini lowo mqondo owawukhona nakuKristu Jesu owathi enesimo sikaNkulunkulu, akaze asho ukuthi kuyinto yokuphangwa Ukulingana noNkulunkulu,
>
> **Johane 5:22,23** Ngokuba noYise kahluleli muntu; ukunike iNdodana konke ukwahlulela ukuba bonke bazise iNdodana, njengokuba bazisa uYise. Ongayazisi iNdodana kamazisi noYise oyithumileyo.

Lesinyathelo saqinisekisa ukutho incazelo yokulingana isebudlelwaneni ababenabo. Ngaloku sicaza ukuthi ubudlelwane obuchazwa nguBaba yiko okubenza balingane. Konke enakho iNdodana, amandla nemikhono ikunikwa nguBaba njengefa ngako, akusho lutho ekuchazeni indlela abalingana ngayo. Konke akusho lutho uma sebeqathaniswa. UNkulunkulu wenza kanje ukuqinisekisa ukuthi izidalwa zonke zingeke ziziqathanise

noma zizilinganise ngemikhono namathalente ezazinawo kodwa zazi ukulingana kwazo ngokwazana nokuqondana.

Incazelo yendlela abalingana ngayo uYise neNdodana iyigumbi emhlabeni wonke. Uma singaqondi lobubudlelwane asoze saqonda umbuso kaNkulunkulu. Into emangalisayo ngeNdodana kaNkulunkulu ngethi wazi konke ngoBaba. Akekho ongachaza emhlabeni wonke ukuba uNkulunkulu unjani njengaye. Qaphela indlela uJesu echaza indlela alingana ngayo noBaba ngobudlelwane babo.

> **Johane 10:15** Njengalokhu uBaba uyangazi, nami ngiyamazi uBaba; [UKULINGANA]

Ngakho-ke uJesu wayengasho ngesibindi ukuthi:

> **Johane 14:9** Ongibonile mina ubonile uBaba;

Lona akuwona umusho okhuluma ngemfihlakalo yomziba omunye abanawo noBaba, Lokhu kusitshela ukuthi uJesu wazi konke ngoYise futhi ugcwele ngesimilo nangobuntu bakhe. Emhlabeni wonke akakho onolwazi lwengqondo kaBaba njengalokhu esazi inqondo yethu sonke ngokulinganayo – iNdodana yona kuphela. Ubudlelwane babo buqinisekisa ukuthi esikukhonzayo kungubuhle bothando kulobu budlelwane, haay amandla abanawo.

Umprofeti uJeremiya wambula inkazimulo yombuso kaNkulunkulu uma ethi:

> **Jer 9:23,24** Usho kanje uJehova, uthi: "Ohlakaniphileyo makangazibongi ngokuhlakanipha kwakhe, neqhawe malingazibongi ngobuqhawe balo, nocebileyo makangazibongi ngengcebo yakhe, kepha ozibongayo makazibonge ngalokhu ukuthi uyangiqonda, angazi ukuthi ngiinguJehova owenza umusa, nokwahlulela, nokulunga emhlabeni, ngokuba ngiyathokoza ngokunjalo," usho uJehova.

Ngalokho-ke sithola incazelo yokulingana ebeka isiqubulo sombuso kaNkulunkulu, lencazelo yakheke ekwazini uqobo lukaYise neNdodana nokuthi bahlobana njani. INdodana ayihlalanga esihlalweni sobukhosi noYise ngoba inento ithile kuyo, kodwa ngenxa yentando kaBaba, futhi uthokozile uma kunje.

**Filip 2:9** Ngalokho-ke uNkulunkulu wamphakamisa kakhulu, wamnika igama eliphezu kwamagama onke,

**KumaHeb 1:6** Futhi mhla engenisa oyizibulo emhlabeni uthi: "Nezingelosi zonke zikaNkulunkulu mazikhuleke kuye."

**Luka 9:35** Kwavela izwi elifwini, lathi: "Lo uyindodana yami ethandekayo; yizweni."

Ukulingana kuyame emandleni wezwi likaYise, haay emikhoneni weNdodana. Kulencazelo uBaba neNdodana bagcina ububili boqobo lwabo, kepha belingana futhi.

Umphumela walokhu ungangabonakali ekuqaleni, kodwa mukhulu eluntwini umphumela wakho, kakhulukazi uma sikhuluma ngokulingana kwabesilisa nabesifazane nokuthi kucazwa yini.

## 5. Intando

Manje siyabona ukuthi uMoya weNdodana ka Nkulunkulu wehlela zonke izidalwa ezisemhlabeni uphinde uhlale ezinhliziyweni nasezingqondweni zazo. Ukwenzela umbuso kaNkulunkulu ube ngowobudlelwane ngempela, izidalwa zisalelwe yilungelo nethuba lokukhetha ukuvuma noma ukwenqaba lowoMoya onikeza impilo weNdodana kaNkulunkulu. Ngaphandle kwelungelo lokukhetha, indalo yonke ibizoba ngamarobhothi. UNkulunkulu unikile kuzo zonke izidalwa zakhe ezikwazi ukucabanga ilungelo lokukhetha. Lelungelo lokukhetha lihlukana kabili ukhetha okukodwa: ukumthanda nokwamukela uNkulunkulu noMoya wakhe wokuphila oza ngeNdodana noma ukunqaba impilo yakhe okudala ukufa.

> **Josh 24:15** Uma kukubi emehlweni enu ukumkhonza uJehova, khethani namuhla ukuthi ngubani eniyakumkhonza, noma onkulunkulu ababakhonzayo oyihlo besengaphesheya komfula, noma onkulunkulu bama-Amori enihlala ezweni lawo; kepha mina nendlu yami siyakumkhonza uJehova."

> **Izaga 3:5,6** Themba kuJehova ngayo yonke inhliziyo yakho, ungenciki kokwakho ukuqonda. Mazise yena ezindleleni zakho zonke, uyakuqondisa imikhondo yakho.

Ilungelo lokukhetha lichaza ukuthi wonke umuntu uzithathela izimpawu nezimilo eziphilisayo zeNdodana kaNkulunkulu. Uthando kuYise lweNdodana oluzibonakalisa ngokulalela (Johane 14:15) lubangolwethu nathi, nokuthobeka nokuthembela kuYise kweNdodana kuba ngokwethu nakho njalo. Ukulunga kwakhe kuba ngokwethu uma siqhubeka sinquma ukuzithoba kuye. Amandla okuthobela nokukhetha kahle ekuqaleni eza ngomfula, kepha sizobona maduze-nje, ukuthi embusweni kwabakhona uhlupho olwaphazamisa umndeni kaNkulunkulu lwadala usizi olukhulu.

## 6. Inkinga Yakhula

Konke kume ngomumo, iNdodana kaNkulunkulu yanikezwa umsebenzi wokudala umhlaba. Esebenzisa amandla kaYise, wadala zonke izinkanyezi, imihlaba nayo yonke into ephilayo. Wadala isixuku sezingelozi, enye yazo, ibizwa ngegama linguLucifer – Khwezi lokusa (othwala ukukhanya).

> **Johane 1:1-3** Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. Yena lowo wayekhona ekuqaleni kuNkulunkulu. Konke kwavela ngaye; ngaphandle kwakhe akuvelamga lutho kukho konke okuvelileyo.
>
> **Efe 3:9** nokubakhanyisela ukuthi luyini uhlelo lwemfihlakalo ebifihliwe kwaphakade kuNkulunkulu owadala izinto zonke
>
> **KumaHeb 1:1,2** UNkulunkulu esekhulumile endulo kokhokho ngabaprofethi ngamathuba amaningi nangezindlela eziningi, ekugcineni kwale mihla ukhulume kithina ngeNdodana ayimise ibe yindlalifa yakho konke, owadala ngaYo futhi izwe

uLucifer esazi kahle isikhundla seNdodana kaNkulunkulu nokuthi wayefumene ukugcwala kukaNkulunkulu njengefa. Waqala ukulahlekelwa ngukuhlakanipha kukaNkulunkulu eNdodaneni. Ngoba enelungelo lokukhetha, waqala ukubuza imibuzo yokuthi iNdodana ilingana njani-na noNkulunkulu. Waqala wafisa isikhundla seNdodana ebuza ukuthi uma iNdodana yanikezwa lesikhundla pho-kungani wayengakwazi ukuba naso ngendlela efanayo. Kungani kwakungasoze kubekhona siqu sesithathu esasingafana noNkulunkulu? Akaqondanga indima ebalulekile yeNdodana noMoya othobelayo okuyo, ogcine yonke into esemhlabeni ndawonye. Kolose 2:9,10

Kunokuthi ethokozele uqobo nesimilo sikaNkulunkulu neNdodana Yakhe, waqala ukufisa amandla nesikhundla sikaNkulunkulu. Enye yemicabango eza kuyo kwakungeyokuthi uma iNdodana yazalwa nguNkulunkulu, asoze kwenzeke ukuthi baphinde balingane futhi. Wazibuza ukuthi kungani kumele akhuleka kumuntu (iNdodana) ongena mandla ngokwakhe, onokuphila nokubakhona kwakhe kuyame komunye umuntu(uYise). Weza kulesisinqumo esithi, wayezokhonzwa naye evunyelwe isikhundla esifana

neseNdodana noma wayezokubona kuyinto yokuphangwa kuyena ukuthi iNdodana iqondwe njengelingana noNkulunkulu.

> **Filip 2:5,6** Mawube kini lowo mqondo owawukhona nakuKristu Jesu, owathi, enesimo sikaNkulunkulu, akaze asho ukuthi kuyinto yokuphangwa Ukulingana noNkulunkulu,

> **Isa 14:12-14** "Yeka ukuwa kwakho ezwulwini, Khwezi elikhanyayo, ndodana yokusa, nokunqunyelwa kwakho phansi, wena owawuthobisa izizwe. Wena wathi enhliziyweni yakho: 'Ngiyakukhuphukela ezulwini, ngiphakamise isihlalo sami sobukhosi phezu kwezinkanyezi zikaNkulunkulu, ngihlale entabeni yomhlangano ngasekugcineni kwasenyakatho. Ngiyakukhuphuka phezu kwezindawo eziphakemeyo zamafu, ngizenze ngibe ngangoPhezukonke."

> **Heze 28:14,15** Wawuyikherubi eligcotshiweyo elisibekelayo; ngakubeka, waba sentabeni engcwele kaNkulunkulu, wahamba phakathi kwamatshe omlilo. Wawuphelele ezindleleni zakho kusukela osukwini lokudalwa kwakho kwaze kwafumaniseka okungalungi kuwe.

ULucifer wafisa enhliziyweni yakhe ukuba uzomisa isihlalo sakhe ngaphezu kwezinkanyezi noma izingelosi zikaNkulunkulu. Ukuthi wayezokhuphukela esikhundleni sangoPhezukonke. Injongo yakhe yonke kwakuyngukuzuza amandla nesikhundla. Sasingekho isifiso sesimilo sikaNkulunku, kuphela isikhundla namandla akhe.

Kuyimfihlakalo ukuba waqala kanjani ukucabanga ngalendlela. IBhayibheli alisitsheli ngaphezu kwaloku, kodwa ngoba uNkulunkulu unikile zonke izidalwa ilungelo lokuketha, uLucifer wasebenzisa lelungelo ukuguqula inhliziyo yakhe ekuhlakanipheni kukaNkulunkulu ngokuthi emuthobele nohlelo lwakhe ngomhlaba.

Unkulunkulu wazama ukuthetha noLucifer ngendlela abeyikhetha. Wachazelwa izizathu zokuthi kungani iNdodana isesikhundleni eyayikuso. Kepha uLucifer wenqaba ukulalela waphenduka uSathane – ummangeleli. Wamangalela uNkulunkulu ngokumisa umbuso ongaphelelanga, wenqaba ukukhuleka eNdodadeneni kaNkulunkulu. Wakhetha ukuthi uma kungenzeki ukuthi elinganiswe noNkulunkulu yena uzokwamkela

uNkulunkulu onamandla ngokwakhe, ngokwemvelo futhi engawamukelanga komunye umuntu.

Kunephuzu elibaluleke kakhulu ekumele siliveze lapha. UNkulunkulu yedwa ungumsuka wempilo. Ukungavumelani naye nokwenqaba ukwemethemba nokumlalela kwenza sehlukane ngokushesha nokuphila. Impilo iza kuphela ngokuthobela uNkulunkulu, kanti-ke ukuthobeka kuza kithina ngoMoya weNdodana. Lesi ngesinye sezizathu kweziningi kungani uBaba beneNdodana, bobabili bebaluleke kangaka. Ngokwenqaba ukuthobeka, uLucifer wayenqaba uMoya wokuthobeka weNdodana. Mat 12:32. Isenzo sokwenqaba singukuzonda futhi singukubulala. Yingakho inqondo yenyama ingubutha kuNkulunkulu. Rom 8:7. Ngesikhathi uSathane wayemelana noNkulunkulu, uNkulunkulu wayefanele ukuthatha isinqumo ngokushesha – isinqumo wayesilungele esilindele, kepha manje kwakumele efeze. Ngokumelana noNkulunkulu, uLucifer wayesithi "qha" eMoyeni kaKrestu, wayebulala iNdodana. Wayethi ngiyawafuna amandla wakho, kodwa hayi iNdodana yakho. UNkulunkulu wayesele nokukhetha phakathi kokubili, wayesalelwe yisinqumo phakathi kokuthi uLucifer efe ngenxa yokuyeka umsuka wokuphila kwakhe noma evume iNdodana yakhe ife, njengalokhu kwenzeka engqondweni kaLucifer. Ukufa kukaKrestu akusiso isenzo somthetho esafuna nguNkulunkulu uBaba ngoba efuna ukuziphindisela; kungukubonakaliswa komthetho wemvelo othi ukuphila kuvela kuNkulunkulu neNdodana kuphela. ULucifer wayengeke asizakale noma ethole ukuphila ngenxa yalokukufa ngoba engavumanga ukwamukela uqobo lweNdodana kaNkulunkulu, kepha ukufa kwakhe uKrestu kwabhatalela izindleko zokubonakalisa nokuveza izimiso zikaSathane nezingelosi zakhe, ukuze kubonakale okwakusenqondweni kaSatane, ukuthi umbuso ongamanga esisekelweni esinguKrestu ungukubhubha. Uma uSathane wayefile kunokuthi kufe iNdodana khona ekuqaleni, akekho obezoqonda ukuthi kungani kanti uNkulunkulu wayezosabeka kunokuthi ethandwe. UNkulunkulu wavumela ukuthi kufe iNdodana yakhe ngethemba lokuthi thina sonke sizothola ukwazana naye ngempela. Naku okuyindikimba yokufa kwesphambano – ukwazi uqobo lwakhe ngeqiniso embusweni kaNkulunkulu. Johane 17:3

USathane waqala ukusabalalisa lelivangeli lakhe, noma umbono wakhe kwezinye izingelosi, ekugcineni ingxenye yesithathu yezingelosi yakholwa ukuthi wayeqinisile. Kwakungani babefanele bezithobe kuleNdodana efumane njengefa zonke izinto, yini okwakuyigugu ngaYo? Benqaba ukuthobela intando kaNkulunkulu. Ngeshwa-ke, kwavuku impi yamazwi [*polēmos*] ezulwini, uSatana kanye nabalandeli bakhe baxoshwa.

> **IsAmbulo 12:7-9** Kwase kuba khona ukulwa ezulwini; uMikayeli nezingelosi zakhe balwa nodrako. Nodrako walwa enezingelosi zakhe, kepha kabaze banqoba, nendawo yabo kayabe isafunyanwa ezulwini. Wayesephonswa phansi udrako onkhulu, inyoka endala ethiwa uMhlebi noSathane, odukisa izwe lonke, waphonswa phansi emhlabeni, nezingelosi zakhe zaphonswa kanye naye.

UNkulunkulu wayengavumela uSathane efe, kepha imbewu yokucabanga kwakhe okunengozi kwakumele kuvunyelwe kukhule. Mathewu 13:30 Njengoba wayenqabe ukuphila ngeNdodana kaNkulunkulu, wayevumelekile ukubhubha, kodwa ezinye zezingelosi, nezinye izidalwa zikaNkulunkulu bezingaqala ukucabange ukuthi mhlambe uNkulunkulu nguyena ophoqelele nobhujise uSathane. Lokhu kwakuzoqinisekisa **amanga athi uNkulunkulu unodlame ngokwemvelo**. Wonke umuntu kwakumele ezifundele ezibonele ngokwakhe kungani impilo ibakhona kuphela ngeNdodana. Wonke umuntu noma sonke isidalwa sasimelwe lithuba lokukhethe ukuthi ngubani owayeqinisile; uNkulunkulu noma uSathane.

## 7. Ukwenziwa ngokomfanekiso wakhe

USathane nesithathu sezingelosi babenemibuzo ngesikhundla seNdodana kanye nobudlelwane bakhe noYise. Wayengekho owayengafakaza ngemvelaphi yobudlelwane bukaBaba neNdodana ngakho-ke kwakumele bethembe uBaba nokuthi wayesazi kangcono, nokusilungele thina sonke.

Esazi ukuthi kwakuzofika isikhathi lapho khona wayezomele echaze ubudlelwane bakhe neNdodana, uBaba waba necebo lokucaza ngokujulileyo ubudlelwane obukhethekile ayenabo neNdodana yakhe. Wayezonikela ngesibonelo ayezosenza emhlabeni wonke ukuze sifunde indikimba yobuholi nokuthobela obukhona ebudlelwaneni bukaYise-neNdodana.

Bekungesikhathi lapho khona uBaba neNdodana behlela umsebenzi wokudala umhlaba lapho khona ukuthukuthela kukaLucifer kwakhula khona, kwazibonakalisa. Wayefisile ukuba yinkosana yalomhlaba kepha isicelo sakhe sangaphumeleli. UKrestu wayezoba yinkosana yalomhlaba ngoba wadalwa ngokomfanekiso kaBaba kanye neNdodana yakhe. ULuficer wabanomhawu ngeNdodana kaNkulunkulu. Uma wayengathemba kuphela ukuthi lomsebenzi ubuzomenza naye ezwisise kancono lobudlelwane obukhethekile obukhona kuYise neNdodana nokuthi kungani indima edlalwa yiNdodana ibaluleke kangaka embusweni kaNkulunkulu. Ngeshwa, loku akusenzekanga.

UNkulunkulu beneNdodana baqhubeka ngohlelo labo elokudala umhlaba, beveze kuzidalwa zonke umfanekiso oyigugu kakhulu wobudlelwane obabuphakathi kwabo. UNkulunkulu wathi eNdodaneni yakhe “Masenze abantu ngomfanekiso Wethu.” Gen 1:26

Ngubani ongaqonda ukuhlakanipha kokudala okwayenzeka ngalelaviki lokudala! Usuku ngosuku njengoba amandla kaNkulunkulu okudala wayegeleza, ephuma eNdodaneni, umhlaba wabanesimo. Umhlaba, utshani nazo izimbali, izihlahla, ilanga nenyanga, izilwane, sabekwa *istage* ukwenzela kubekwe inkunzimalanga yakho konke okwadalwayo – ukudalwa komuntu, owesilisa kanye nowesifazane.

Indlela yokudala ibaluleke kakhulu futhi ixoxa indaba enhle kakhuku ngoNkulunkulu neNdodana yakhe.

> **uGen 1:27** UNkulunkulu wamdala umuntu ngomfanekiso wakhe; wamdala ngomfanekiso kaNkulunkulu; wabadala owesilisa nowesfazana

Nansi indlela okwenzeke ngayo.

> **Gen 2:7** UJehova uNkulunkulu wambumba umuntu ngomhlabathi, waphefumulela emakhaleni akhe umoya wokuphila; kanjalo umuntu waba umphefumulo ophilayo

> **Gen 2:18-25** UJehova uNkulunkulu wabumba ngomhlabathi zonke izilwane zasendle nezinyoni zonke zezulu, waziyisa kumuntu ukuba abone ukuthi umuntu angaziqamba ngokuthini, ukuze kuthi, njengalokhu umuntu eziqamba zonke izilwane eziphilayo, Lokhu kube ngamagama azo. Umuntu waziqmba amagama zonke izinkomo, nezinyoni zezulu, nezilwane zasendle. Kepha umuntu akatholelwanga umsizi onjengaye. UJehova uNkulunkulu wamehlisela umuntu ubuthongo obunzima, walala; wayesethatha olunye lwezibambo zakhe, wavala indawo ngenyama. UJehova uNkulunkulu wakhe owesfazane ngobambo abelithathile kumuntu, wamyisa kumuntu. Wayesithi umuntu: "Lo useyithambo lamathambo ami nenyama yenyama yami; uyakubizwa ngokuthi indodakazi, ngokuba uthathwe endodeni." Ngalokho indoda iyakushiya uyise nonina, inamathele kumkayo; bayakuba nyamanye. Babehamba ze bobabili, uAdamu nomkakhe, bengenamahloni.

UNkulunkulu, ngeNdodana yakhe, wabumba u-Adamu ngothuli lomhlaba bese umfula wokuphila wagelezela noma waphefumulela kuye. Izimpawu ezibalulekile zeNdodana kaNkulunkulu, njengokuqhaphelisisa isibusiso sikaBaba, nokwethemba nokumlalela ngothando kwadlula ngenjabulo kugeleza entandweni ka-Adamu, ngalendlela kwaba yinxenye yakhe. Ngokwemvelo u-Adamu wayefisa ukukhonza uNkulunkulu nokumthokozisa, ngoba lesifiso esivela eNdodaneni kaNkulunkulu wayesamukele ngoMoya wayo.

> **1 Kor 2:16** Ngokuba ngubani owake wazi umqondo weNkosi ukuba angaze ayifundise na? Kepha thina sinomqondo kaKristu.

UNkulunkulu wabeka u-Adamu esimeni lapho wayengaqala ukufunda ukuthi kukhona ayekuswela. Yisizathu sini esenza ukuthi uNkulunkulu edale u-Adamu emenze ukuthi eqaphele ukuba kwakukhona ayekuswela? Loku kusifundisa enye into ethathekisa ngoNkulunkulu nangombuso wakhe: ezinye izinto sizifunda kuphela uma sikesaba namava ngazo. Kanti ngo-Adamu ukunaka ukuthi kwakukhona ayekuswele kwakhulisa isifiso saleyonto, wagcwala nangokubonga kuNkulunkulu emva kokuthi ayithole.

U-Adamu wayeswele umlingani owayengamazi, eqonde umnqondo wakhe nendlela yakhe yokucabanga; umuntu wayengajabula naye yakhe aqonde namava ayenawo. Esaqamba izilwane u-Adamu waqala wanaka ukuthi akekho owayefana naye, akekho owayengaqonda. Lamava amenza u-Adamu ukuthi efise okwakuyinsika embusweni kaNkulunkulu: ubudlelwane obuseduze kangaka.  Kwenza umqondo ukuthi indlela yokukuqonda loku yinye, engeyokuthi sibe nalawamava nathi. UNkulunkulu wayengatshela u-Adamu ukubaluleka kobudlelwane, wamcazela indlela okukuhle ngayo, kedwa ngokumnika umsebenzi wakuqamba izilwanyane, kusheshe kwakhanya enqondweni ka-Adamu, hayi enqondweni yakhe kuphela kodwa nasenhliziyweni yake okwakubalulekile ukudlula konke okunye.

Kungani emlalisile uNkulunkulu, futhi wavula nenyama yakhe, wathatha ubambo eliphilayo wenze ngalo owesifazane? Ingabe lena ayizwakali njengendlela enzima yokwenza izinto? Inezifundo ezinigni lendlela. Indlela yokuqhamuka kuka-Eva ku-Adamu, egcwele ngesiqa sakhe, ephuma ohlangothini lwakhe eduze kangaka nenhliziyo yakhe kukhuluma ngokujulile indaba kaBaba nokuzala iNdodana yakhe. Yindaba engathathanga inxenye yengqondo ka-Adamu, yingani kwakumele kube lubambo olwaluseduze kangaka nenhliziyo? IBhayibheli alisitsheli isizathu salokhu, kodwa liyakhuluma okuningi kimi ngenxazululo yobuhlungu obabusenhliyweni ka-Adamu ngokuswela umhlobo owayengaqonda ezinikele kuye ngokuthobeka abe ngozomthwalela imbewu wayenayo.

**Johane 1:18** Akakho oke wabona uNkulunkulu, iNdodana ezelwe yodwa esesifubeni sikaYise yiyona embonakalisile.

**Johane 8:42** ngafika ngivela kuNkulunkulu; ngokuba*(futhi)* angizizelanga ngokwami, kepha yena ungithumile.

**Izaga 8:23-25** Ngamiswa kwaphakade kwasekuqaleni, umhlaba ungakabikho. Lungakabikho utwa ngazalwa, ingakabikho imithombo egcwele amanzi. Zingakasekelwa izintaba, namagquma engekabikho, ngazalwa,

**AmaRom 1:19,20** Ngokuba lokho okwazekayo ngoNkulunkulu kusobala phakathi kwabo; ngokuba uNkulunkulu ukubonakalisile kubo. Ngokuba okubonwayo kwakhe, kuthi amandla akhe aphakade nobuNkulunkulu bakhe kubonakala kwasekudalweni kwezwe, ngokuba kuqondakala ngezenzo zakhe, ukuze bangabi nakuzilandulela

Emavesini esisanda kuwafunda, sibona ubufakazi obucacile beNdodana kaNkulunkulu ivela esifubeni sakhe. Igama elithi 'ukufika nokuvela' lisho ukuthi "ukuphumisela ngaphandle" futhi Izaga 8:25 usho ngokucacile ngokuveza noma 'ukuzala'. Umphostile uPhawule efakaza ngalokhu uthi indalo isinikeza isithombe esicacile ngobuNkulunkulu ukwenzela singabi nakuzilandulela sithi asitshelwanga.

Ngubani ongacabanga ukuthi kwafika mqondomuni ku-Adamu uma wayebona u-Eva ibanga lokuqala, amehlo abo ehlangana, nokuqonda ukuthi nangumuntu owayezongiqonda ngempela agcwale ngokubonga. Umuntu owayegcwele ngesiqa sakhe, umuntu owayezomthwalela imbewu, ayinakekele aphinde abeyisitsha esiyigumbi sokuthobeka ayesidinga ukubonisa nokufundisa abantwana nezizukulwane zakhe ukubaluleka kokuhlala uthobekile futhi ulalela. Njengaloku uNkulunkulu wayedinga iNdodana yakhe ukuletha lezimpawu zokuthobeka, kanjalo uNkulunkulu wasekela umbuso wakhe emhlabeni ngalendlela yokuthi indoda ayikwazi ukumisa umbuso wayo ngaphandle kwenkosikazi yayo enje. Abantwana bayo abanakuba nolwazi lokuthobeka ngaphandle kwesibonelo esiphilayo esingumama.

Kunobungcwele obumangalisayo phakathi komuntu nonkosikazi wakhe. Lobudlelwane uma bumiswe ngendlela efanele bukhuluma okuningi ngobudlelwane bukaYise neNdodana, kubuye kubeyisikhumbuzo njalo emhlabeni esiveza ubuxoki bamazwi kaSathane ngeNdodana kaNkulunkulu.

**1Kor 11:10** Ngalokho-ke owesifazane ufanele ukuba abe nophawu lwesithunzi ekhanda ngenxa yezingelosi. (kwenzelwa isibonelo kanye nakuzo izingelozi)

UNkulunkulu wahlela ubudlelwane bomuntu nomkakhe ukufundisa izingelosi ngobudlelwane bukaYise neNdodana. Kuyisimangalisayo ukudalelwa lenhloso.

Ngokwazi leqiniso, siyathola ukuthi imfihlakalo yomshado isekutheni thina sizivumele ukudonseka ngoMoya kaNkulunkulu emfanekisweni wobudlelwane bukaYise neNdodana; umyeni eziphatha njengomsuka wezibusiso kanti umkakhe eziphatha njengesibonelo esiphilayo sokuthemba nokuthobela ngothando.

U-Adamu no-Eva babenikwe ubizo oluphakeme oluyintokozo, uma-nje babehleli kuloku babebizelwe kona, bahlale ngokomfanekiso kaBaba neNdodana, usizi nobuhlungu obuningi ngabe abuzanga babakhona.

## 8. UYise wamanga

Siyakhumbula ukuthi uSathane wanquma ukuthi uma uNkulunkulu engamvumeli ukubanamandla, namalungelo weNdodana kaNkulunkulu, ukuthi yena weyozokwenza isinqumo sokukhonza kuphela unkulunkulu onamandla ngokwakhe, angawaphiwe muntu. UNkulunkulu sekenqabile ukwamukela 'lezinguquko' zikaSathane, uSathane wazithola esimeni lapho khona kwakumele evume ukuba ukuphila kwakhe wayekuthola kuYise nanoma engafuni ukwazisa indawo eyigumbi yeNdodana. *[Johane 5:23]*

Yayingekho indlela uSathane wayengamisa umbuso wakhe ngayo ngezimiso zakhe kumele avume njalo ukuthi wonke amandla avela kuNkulunkulu. Ngakho-ke, weza NGAMANGA AMAKHULU. Athi 'wonke umuntu unokuphila ngaphakathi kuye.' Kwakukhona izindlela ezimbalwa ezokukholwa ngalendlela. Ubungakholwa ukuthi uhleli ngunaphakade nokuthi ukungafi kuyimfanelo yemvelo ekusosonke isidalwa. Ubungakholwa ukuthi impilo ingumoya kuphela futhi wonke-umuntu uxhumane nawo, angayisebenzise nanomakanjani athanda ukusebenzisa kukho. Noma ungakholwa kuNkulunkulu okunika isipho sempilo engapheli ukwenzela ukuthi ayisebenzise ngamandla nangemikhono yakhe yonke anayo. Akunandaba ukuthi umuntu ukhetha yiphi inldela, uma nje ukholwa ukuthi unomsuka wokuphila ongowakho. Lawa ngamanga amakhulu kunawo wonke. Njengoba washo noJesu

> **Johane 8:44** Nina ningababakayihlo uSathane, nithanda ukwenza izinkanukho zikayihlo. Yena wayengumbulali kwasekuqaleni, akemi eqinisweni, ngokuba iqiniso lingekho kuye. Nxa ekhuluma amanga, ukuluma okungokwakhe, Lokhu engumqambimanga noyise wawo.

UNkulunkulu wayengaphelisa amanga onke zisasuka ngokuvumela bonke abaphika iNdodana ukubhubha, kepha iNdodana yaqhubeka ngokubanika ukuphila nanxa sekubuhlungu kuye. Ukwenzela umhlaba ubone imisebenzi yamanga, iNdodana kaNkulunkulu kwakumele ithwale izingelosi ezawa, iqhubeke izabele ukuphila nanxa zona zifisa ukumbulalala nokumbhubhisa. Njengoba uSathane nezingelosi zakhe bamphika uJesu, abasamukelanga umoya wokwethemba nokulalela ngokuthobeka, ovela kuye kuphela.

Bazibethela ngokwabo iNdodana kaNkulunkulu [emoyeni ngokuba uNkulunkulu unguMoya] esimilweni nasemoyeni, nanxa kunjalo uNkulunkulu waqhubeka ngokubanika amandla okuphila ukwenzela uSathane ebenesikhathi ukubonakalisa imfundiso yakhe, ukwenzela umhlaba ukethe ukuthi ngubani owazindlela esilungele. Njengoba besesicazile ngaphambilini, kwakukhona izindleko zokuvumela uSathane ukuphila nanxa ayewanqaba uNkulunkulu (nokuphila kwakhe okwakuse Ndodaneni). Lokhu kwabiza ukuthi omunye efe ukwenzela aphile uSathane, lona yiNdodana kaNkulunkulu. USathane wayengumbulali kwasekuqaleni; wabangela ukufa kweNdodana ngokwenqabela nokumelana noNkulunkulu. Loku kwakwenzeka engqondweni kaSathane ngakho uNkulunkulu wavumela ukuthi okwakusengqondweni kubonakaliswe ngezenzo kwambulelwe wonke umuntu abone okwakuqhubeka. Kwakungasiyo inhloso kaNkulunkulu ukuba lesambulo senzeke emhlabeni wethu kodwa ngeshwa-ke, kwaba njalo.

## 9. Isintu Sidukiswa

Esahlukweni esidlule sibukile ngengxenye ebalulekile yentando. Isipho sentando esiphiwe abeslisa nabesifazane sivumela ukuthi bekhethe ukuthobela uNkulunkulu. Ngaphandle kwelungelo lokukhetha ukuthobeka akukho sibusiso noma ukumthokozisa [noma okuthandekayo kuye] uBaba. Ukukhetha kahle kwethu kuletha isibusiso kithina esivela kuBaba. Qaphela uthini uJesu:

> **Johane 8:29** Ongithumileyo unami, kangishiyanga ngedwa, ngokuba ngenza njalo okuthandekayo kuye.

UJesu wayehlezi njalo ebusisekile ngenxa yokuthoba intando yakhe njalo ngaphansi kwentando kaBaba. Ilungelo lokukhetha liletha ezinye izibusiso ngaphezu kwaloku kepha kungaphezulu kodaba lwethu okwamanje. Uma uNkulunkulu wayedala u-Adamu no-Eva, kwakumele kubenendlela ababengavivinya ilungelo labo ngayo, besebenzise intando yabo. Wayemele abanike ithuba lokukhetha [okuhle nokubi]. Ngaphandle kwelungelo lokukhetha ukungamjabulisi uNkulunkulu, akukho sibusiso esiza ngoba sikhetha okuhle.

UNkulunkulu wadala ilungelo lokumthokozisa ngokunika ithuba lokungenqaba ngokudla isihlahla sokwazi okuhle nokubi.

> **Gen 2:16, 17** Ujehova uNkulunkulu wamyala umuntu, wathi: “ungadla kuyo yonke imithi yensimu ngokuthanda kwakho, kepha ungadli kuwo umuthi wokwazi okuhle nokubi, ngokuba mhla udla kuwo uyakufa nokufa.”

Ngokuketha ukungadli lesisthelo esikhethekile izintsuku zidlula, u-Adamu no-Eve babefumana isibusiso esikhethekile ngenxa yokuthobela; ukuba nolwazi lokuthi uNkulunkulu wayethokozile ngabo. Ngaphandle kwalesisithelo, babengeke babenaso lesisibusiso.

Nanxa uSathane esexoshiwe ezulwini, wayekwazi ukungena emhlabeni wethu ngendawo eyodwa-vo! lapho kwakukhona ithuba lokudumaza uNkulunkulu belingaqala khona. Yingakho sihlangana noSathane ethatha umfanekiso wenyoka, isemthini wokwazi okuhle nokubi. Siyazi ukuthi lenyoka inguSathane ngenxa yencwadi yesAmbulo.

**IsAmbulo 12:9** Wayesephonswa phansi udrako omkhulu, inyoka endala ethiwa uMhlebi noSathane, odukisa izwe lonke, waphonswa phansi emhlabeni, nezingelosi zakhe zaphonswa kanye naye.

Kulokhu esakufunda ngendlela kaSathane yokubuka ukuphila, efisa ukuzuza u-Adamu no-Eve embusweni wakhe wabadayisela indlela yokufumana impilo eyenza kungabi nasidingo sikaNkulunkulu. Qaphelisisa uthini uSathane:

**Gen 3:1-5** Inyoka yayinebuqili kunazo zonke izilwane zasendle abezenzile uJehova uNkulunkulu. Wathi kowesifazane: "Ngempela uJehova uNkulunkulu ushilo yini ukuthi: 'ningadli emithini yasensimini, na?' Owesifazane wathi enyokeni: "Singadla izithelo zemithi yasensimini, kepha ngezithelo zomuthi ophakathi nensimu uNkulunkulu ushilo ukuthi: 'Ningazidli, ningazithinti ukuba ningafi.' "Inyoka yathi kowesifazane: "Aniyikufa nokufa; kepha uNkulunkulu uyazi ukuthi mhla nizidla, kuyakuvuleka amehlo enu, nibe njengoNkulunkulu, nikwazi okuhle nokubi."

USathane wathi ukungamthokozisi uNkulunkulu ngokunqaba lokho ayekuyalezile kwakungeke kulethe isiqalekiso kodwa isibusiso; amehlo abo wayezovuleka ekwazini nokuhlakanipha okukhulu, babezoba nje ngonkulunkulu. Wathi abazukufa, okwakucaza ukuthi wayebafundisa ukuba bengaqhubeka ukuphila ngaphandle kokwethemba nokokuncika kuNkulunkulu. Babengazithemba ngokwabo kanye nokwahlulela kwabo.

Kubuhlungu ukwazi ukuthi u-Eva wathatha icebo lenyoka, waya ku-Adamu wamenza ukuba engathembi uNkulunkulu kepha ekholwe amanga amakhulu wenyoka. Sebedlile isithelo, bethemba lawamanga, indlela ababebheka ngayo uNkulunkulu, ababezibona ngayo nabo, nokuthi umhlaba usebenza njani yaguquka.

Ngokuthatha lawa amanga, u-Adamu no-Eva bakhwesha ekukholweni ukuba zonke zivela kuBaba. Banqaba nombono othi injabulo yabo incike ekwethembeni uNkulunkulu nasekumthobeleni kwabo. Ngokungalaleli ayekushilo babulala izimpawu ezinhle zesimilo seNdodana kaNkulunkulu – ukulalela nokwethemba ngokuthobeka. UNkulunkulu kwakumele etsengise ukuthi ngokungamlaleli nokungamthobeli kwakungubutha maqondana

neNdodana yakhe nakho konke ayekumele. U-Adamu no-Eva babulala iNdodana kaNkulunkulu ezingqondweni zabo ngokunqaba umoya wokuthobela okunguMoya weNdodana kaNkulunkulu. Lephuzu libaluleke kakhulu ukuthi liqondiwe. Isenzo sokumelana noNkulunkulu singukubulala uMoya weNdodana yakhe, isisekelo sokuthobeka. Yingakho uJesu ethi ngoLucifer ungumbulali kwasekuqaleni.

> **Johane 8:44** Nina ningabakayihlo uSathane, nithanda ukwenza izinkanukho zikayihlo. Yena wayengumbulali kwasekuqaleni, akemi eqinisweni, ngokuba iqiniso lingekho kuye. Nxa ekhuluma amanga, ukuluma okunokwakhe, Lokhu engumqambimanga noyise wawo.

Zonke izingelosi ezanqabela iNdodana kaNkulunkulu zaphenduka ngobutha ezingqondweni zazo zambulala. IBhayibhele lihlanganisa kahle ngokubonakalayo inzondo nokubulala.

> **1 Johane 3:15** Lowo ozonda umzalwane wakhe ungumbulali; niyayazi ukuthi akukho mbulali onokuphila okuphakade okuhlezi kuye.

Umnikelo weNdodana kaNkulunkulu wabonelelwa kusengaphambilini kokusekelwa komhlaba wethu. Ukuze umhlaba wonke uqonde ngayo yayiyodwa, yokuveza okwakusezinqondweni zezingelosi ezahlubuka, kwakumele kuvezwe lokhu. Qaphela:

> **1Pet 1:19,20** Kodwa ngegazi elinqabileyo likaKristu kungathi elewundlu elingacala, elinganabala; owaziwa phakade, izwe lingakasekelwa, kepha wabonakaliswa ngezikhathi zokugcina ngenxa yenu,

UNkulunkulu akatholakalanga engalindele ukwambuka kukaSathane, wayezilungisele ukubhekana nalokhu, uBaba neNdodana emhlanganeni wabo benza icebo losindiso, kodwa ukuhlubuka kukaSathane kwenza ukuba lecebo lime. Ngesikhathi esithi "Ngiyakukhuphuka phezu kwezindawo eziphakemeyo zamafu, ngizenze ngibe ngangoPhezukonke" iNdodana kaNkulunkulu yayingena ndawo kuloluhlelo olusha; bekumele ekhishwe ebulawe.

USathane wadlulisela lembewu yokwambuka esintwini kanti manje iNdodana yazinikela ukuba ife endaweni yabo. UKrestu ubezotshengisa emhlabeni ukuba isintu simbulele yena othobekile ezingqondweni. Kwakumele kudazululwe ukuze bekubone bonke. Ngokubethela uKrestu esphambanweni, sibona umsebenzi wenyoka udazululwa, noma uvezwa. Loku kuyinxenye yesizathu uMose wayelayezwe ukuba exhome inyoka yethusi emthini; isenzo sokubethela singukuveza kwemicabango yokubulala kaSathane. Ubengasena kufihla inhloso yakhe yangempela ngoKrestu.

Ngakho-ke ngesikhathi u-Adamu no-Eva besona, benqaba uMoya kaKrestu othebekile babenecala lokubulala kanye noSathane. UKrestu wabulawa enqondweni zabo.

> **IsAmbulo 13:8** Bayakhuleka kuso bonke abakhileyo emhlabeni, wonke ogama lakhe lingalotshwanganga encwadini yokuphila yeWundlu elihlatshiweyo, selokhu kwasekelwa umhlaba.

> **Heb 6:6** babuye bahlubuka... lokhu sebezibethelela iNdodana kaNkulunkulu, bayithela ngohlazo obala.

Isifanakiselo salesenzo sokubulala iNdodana kaNkulunkulu sanikezwa ku-Adamu no-Eva ngalendlela:

> **Gen 3:21** UNkulunkulu wabenzela u-Adamu nomkakhe iziphuku, wabembathisa.

Iziphuku kwakumele zivele kuzilwanyane. Kwakumele zinikelwe nezilwane ukuze kwembathiswe u-Adamu no-Eva. Bengekoni u-Adamu no-Eva babengadingi zembhatho. Babembathe inkazimulo kaNkulunkulu, kodwa uma bemlahla balalhekelo yilenkazimulo. Ukunikela kwewundlu kwakuyisifanekiselo sesithembiso sikaNkulunkulu sokunikela ngeNdodana yakhe ukubakhomba ukuthi benzeni ezingqondweni zabo. Ukubasiza ukubona ukuthi ukwenqaba uNkulunkulu kuyinto esabeka kanjani; nesiqalekiso esisabekayo esizayo uma sinqaba ukuthobela. Kuhlephula iNdodana kaNkulunkulu – isisekelo sokuthobela.

> **Gen 3:15** Ngizakubeka ubutha phakathi kwakho nowesifazane, naphakathi kwenzalo yakho nenzalo yakhe. Yona iyakuchoboza ikhanda lakho, wena uyakulimaza isithende sayo.

**Johane 1:29** Ngangomuso wabona uJesu eza kuye, wathi: "Bheka, iWundlu likaNkulunkulu elisusa izono zezwe.

Kuyisimanga ukuzehlisa kweNdodana kaNkulunkulu. Ukutshengisa umhlaba ukuthi ukunqabela ukuthobeka kwenzani; Isibonakaliso esinamandla ngalendlela yokuthi umhlaba ubungebuye ufane futhi. Kwakuzoveza indlela iNdodana kaNkulunkulu eligugu ngayo nokuthi sazisa yona ngokwazisa uMoya wakhe othobekile kuBaba nemiyalo yakhe.

## 10. Iqoqo Lokubalulekile

Silandisile ngokuqaphela udaba uNkulunkulu akuveza ngaye kwasekuqaleni. Sifundile ukuthi:

1. Kukhona uNkulunkulu munye kuphela obizwaBaba - Johane 17:3; 1 Kor 8:6; 1 Tim 1:17
2. Ungumsuka wakho konke ukuphila nezibusiso. Jakobe 1:17
3. Wazala iNdodana ngokomfanekiso wakhe kanti wamnikeza wonke amandla wakhe wamenza walingana naye. Heb 1:1-5; Izaga 8:12-30; Filip 2:6; Johan 5:26; 8:42; Kol 2:9
4. INdodana kaNkulunkulu iyisithumbululi-nkinga sombuso kaNkulunkulu. Uphethe izithako noma imiqobelo ebalulekile yokulalela ngokuthemba, ukuthobela kanye nesibusiso. Mathewu 3:17; AmaHubo 40:8; Johane 8:29
5. UMoya weNdodana kaNkulunkulu ugelezela umhlaba wonke uphile ezinhliziyweni zawo wonke umuntu okhetha ukuthobela umthetho kaBaba. IsAmbulo 22:1,2; Johane 7:37,38; AmaRom 8:9,10
6. ULucifer engowokuqala wezingelosi ezadalwayo wenqaba imvelaphi kaNdodana kaNkulunkulu, wangavuma ukuthobela izwi likaNkulunkulu elathi akhuleke kuye. Johane 5:22; Fil 2:6; IsAmbu 12:7-9; KumaHeb 1:6
7. ULucifer waphenduka uSathane, wathatha isithathu sezingelosi kulenkolo entsha ethi asikho isizathu sokuthobela uNkulunkulu ngoba sinokuphila kwethu ngaphakathi. IsAmbu 12:4, Gen 3:4,5
8. Isenzo sokwenqaba ukuthobela umyalo kaNkulunkulu singafaniswa nokubulala iNdodana yakhe – ingqikithi yokuthobela, ukwethemba nokulalela. Johane 8:44; IsAmbulo 13:8; 1 Johane 3:15
9. INdodana yathobela intando kaBaba ukubonakalisa emhlabeni wonke ukuthi ukunqabela uBaba nokumphika kungukwenzani eNdodaneni, Gen 3:15; KumaHeb 6:6

Sesinikile umfanekiso okhanyayo ngeBhayibheli okaNkulunkulu, iNdodana yakhe, kanye noMoya wabo nokuthi basebenzisana kanjani. Siphinde sabukiswa amanga kaSathane athi impilo ivela kuphi, nomoya wakhe

## 11. Izindlela Ezimbili

Esahlukeni esidlule, sibukile umahluko omkhulu ekucabangeni kuka Nkulunkulu noSathane.

- Umbuso kaNkulunkulu umiswe ukugqamisa ukubaluleka kobudlelwana; umbuso kaSathane wona ubuka ekuthengeni nasekugoneni kwamandla nezikhundla.
- Umbuso kaNkulunkulu usebenza ngesibusiso ngenxa yokuthobela, nokuthemba, nokulalela; umbuso kaSathane wona usebenza ngoku "busiswa" [okungukuqalekiswa] ngenxa yokunqaba nokuzimela ngaphandle kokulawulwa nguNkulunkulu.
- Umbuso kaNkulunkulu uchaza ukulingana ngemikhono yokwazana; umbuso kaSathane uchaza ukulingana ngemikhono, izikhundla nangempumela ngenxa yamandla esinawo ngemvelo.
- Umbuso kaNkulunkulu uphathwa ngendlela yemindeni kanti futhi namalungu omndeni aphoqwa luthando; umbuso kaSathane uphathwa ngezimiso nezisekela ezithile ezisebenzisa amandla kanti futhi namalungu walombuso aphoqwa ngubudlova.
- Umbuso kaNkulunkulu ucaza ukubaluleka komuntu ngesimilo sakhe nobudlelwane anabo; kanti umbuso kaSathane uchaza ukubaluleka ngamandla nome igunya analo.

Lomahluko uqoqwa yilendimana elandelayo eBhayibhelini.

> **Jer 9:23,24** Usho kanje uJehova, uthi: "Ohlakaniphileyo makangaziboni ngokuhlakanipha kwakhe, neqhawe malingazibongi ngobuqhawe balo, nocebileyo makangazibongi ngengcebo yakhe, kepha ozibongayo makazibonge ngalokhu ukuthi uyangiqonda, angazi ukuthi nginguJehova owenza umusa, nokwahlulela, nokulunga emhlabeni, ngokuba ngiyathokoza ngokunjalo," usho uJehova.

Uma siphenya kahle umlando, sizobona ukuthi imibono yabantu ngoNkulunkulu ihlukene ngalendlela. Ngesinye isikhathi kubanzima ukubona izimiso ezisebenzayo ngoba umbuso kaSathane uyake usebenzise ubudlelwane ukuzuzizuzela amandla ngakho inkulumo ingazwakala yenza umqondo, kepha inhloso ingukuzuza amandla.

Njengokusho kwakhe uSathane kuEve, ukukholwa ukuba sinokuphila ngokwethu kusilethela ekutheni sizibone singonkulunkulu. Ngaloku

kuqonda, imibono eminingi yabantu ngoNkulunkulu ophilalyo ingukubonakala kwemicabango yemikhono nezici zemvelo zabantu. Loku kubonakala kahle ngenkolo yesiGreki nencazelo ka-*Zeus* – inkosi yonkulunkulu; u-*Aphrodite* – unkulunkulu wothando nobuhle; u-*Apollo* – unkulunkulu womculo, wamakhambi, nempilokahle; u-*Ares* – unkulunkulu wempi. Lezithixo zingonkulunkulu abadalwa ngokomfanekiso wabantu, ngokucabanga kwabantu ukukhuliswa kwezici zemvelo zabantu zikhonzwe; indikimba yaloku ingukukhonza "umina", njengokuthembisa kukaSathane ku-Eve entsimini.

Ngifisa ukuqala umlando wethu ngokuqathanisa abalingiswa ababili eBhayibhelini abaletha izibonelo ezikhanyayo zalezindlela ezimbili: u-Abrahamu noNimrode.

## 12. Izisekelo zeBabiloni

Ngaphambi kokuthi sikhulume ngendaba ka-Abrahama noNimrod, sizothi ukuzikhumbuza kafushane ngomlando wesikhathi ababephila ngaso.

Isithelo sakuqala eseza ngokuthatha amanga kaSathane kwabaluvalo. Qhaphela:

> **Gen 3:9,10** Kepha uJehova uNkulunkulu wambiza u-Adamu, wathi kuye: "Uphi na?" wathi: "Ngizwe izwi lakho ensimini, ngesaba ngokuba ngihamba ze; ngalokho ngacasha."

Ngoba u-Adamu wayethathe lamanga, wayekholwa ukuba unokuphila kuyena. Inkinga ngaloku ngeyokuthi uyewabona ukuthi uNkulunkulu ungumsuka wempilo omkhulu futhi onamandla kunaye. Lokhu kwadala uvalo. Ngesikhathi engekakholwa ukuthi unokuphila ngaphakathi kuye, ethemba ngenjabulo ukuthi uNkulunkulu unguBaba omthandayo futhi omnike konke ayenako – kwakungena valo nakancane. Isithelo sakuqala samanga - UVALO.

Into elandelayo eza ngalawa manga, ngukuziqhenya. Ngesikhathi ebuzwa u-Adamu ngalokhu ayekwenzile, akakwazanga ukuvuma ukuba wayenecala. Ukuziqhenya kwakhe kwakungeke kumvumele ukuba akwenze lokho.

> **Gen 3:11,12** Khona wathi: "Ngubani owakutshela ukuthi uhamba ze na? Udlile kulowo muthi engakuyala ngawo ukuthi ungadli kuwo na?" U-Adamu wathi: Owesifazane, owangipha yena ukuba abe nami, unginikile kuwo umuthi, ngadla."

U-Adamu wabeka icala kumkakhe. Ngokohlelo lukaNkulunkulu, kwakumele ekhumbule ukuthi njengenhloko yomndeni, isibopho sakho konke okwenzekayo sibuzwa kuye. Ngokusola umkakhe, loku kwambula amanga wayekholiwe ngawo okuthi unkosikazi wakhe wayenamandla amenza ukuba aziphathe ngendlela ethile, ngakho wayenelungelo lokushiya icala naye engabi nacala yena. Kodwa wayengeke akwamukele. Nasi isithelo sesibili salamanga – UKUZIQHENYA.

Lezithelo ezimbili zaveza izimbewu ezadala ukuvuka kweBabiloni.

Ezinye zezithelo ziseza. U-Adamu no-Eva bavuma amacala abo, kodwa izimbewu zokuhlubuka zahlala nabo, zadlulela emadodaneni abo, uKaine no-Abel. U-Abela wakhetha ukwamukela uMoya kaKrestu wokuthobela, ngokuzithoba walandela icebo uNkulunkulu lokuphindisela isintu ukuba samukele iNdodana yakhe ngokugcwele futhi. UKayine wavuma ukuba uNkulunkulu ukhona kodwa wenqaba ukulandela icebo lakhe. Nasi isithelo sesithathu salamanga – UKUNQABA. Waguqula indlela yokukhonza uNkulunkulu ophilayo ukuba ezithokozise yena, wanganaka umnikelo wewundlu. U-Abel wamcenga umfowabo ukuthi enze njengoba babefundisiwe kodwa wenqaba ukulalela. UKayine waqhubeka enqaba, uSathane waze wamenza ukuthi ebulale umfowabo ngodlame ngenxa yokuthukuthela. Nazi ezinye zezithelo: INTUKUTHELO, UBUTHA, NOKUBULALA. Ukubulawa kuka-Abel kwakungukubonakalisa kwengqondo kaSathane maqondana noKrestu. U-Abel owayemnene, ethobela, wahleshulwa ngokushesha ngumfowabo obeholwa nguSathane njengofakazi lakuqala lemizwa yodlame kaSathane maqondana noKrestu eyayifihlakale ekujuleni kwenhliziyo yakhe.

Njengoba besesishilo ngaphambilini, umoya wokumelana ususa kithi ulwazi lokuthi uNkulunkulu uyasibusisa futhi uthokozile ngathi. Ngaphandle kwesibusiso sikaNkulunkulu sizibona singaphephile futhi singentoyalutho. UKayine wamelane nokukhala nokunxusa kwabazali bakhe, emelane nokunxusa komfowabo kanti ekugcineni emelane nokunxusa kukaNkulunkulu. Ngokukhula kokumelana kwakhe kwakhula nako ukuzizwa engaphephile kwakhe, nokungaba nantengo-kwakhe. Ngesikhathi uNkulunkulu esho isiqalekiso phezu kwakhe, lena kwakungeyonto eyayibekwa nguNkulunkulu phezukwakhe, kepha umphumela wemvelo wokumelana noNkulunkulu; uvalo, ukungaphephi, nokungabi nantengo.

> **Gen 4:11,12** Usuqalekisiwe emhlabathini ovulile umlomo wawo ukwamukela igazi lomfowenu esandleni sakho. Uma ulima umhlabathi, awusayikukunika isithelo sawo; wena uyakuba ngumhambuma nozula emhlabeni."

Amagama athi mhambambuma nozula emhlabeni achaza umuntu ongabazayo, ongaziqondi onganiqinisekanga ngalutho. Lezi ngezinye zezithelo ezeza ngokukholwa amanga: UKUNGAPHEPHI, UKUNGAHLALISEKI, NOKUNGABIYINTO-YALUTHO.

Ngemva kokulahlekelwa ngu-Abel, uNkulunkulu wanika u-Adamu no-Eva enye indodana – uSeth. Wabonakalisa kakhulu umoya ofanayo omnene, nje ngo-Adamu no-Abel. Njalo-ke izizwe ezimbili zavela emndenini ka-Adamu; isizwe sikaSeth, esasibusiswe nguNkulunkulu ngenxa yokuthobela imiyalezo yakhe saze sabizwa amadodana kaNkulunkulu; nesizwe sikaKayine esasigcwele ngezithelo zokuhlubuka nokungabi-nantego sazesabizwa amadodana namadodakazi abantu.

USathane wayesazi ukuba ngenxa yokuthi uNkulunkulu usekele ubudlelwane babantu ngamakhaya nemindeni, izingane ezizalwa emhlabeni zincike ngokuphelele kubazali. Loku kwakungasiza ukufundisa lezingane ukuncika kuNkulunkulu, ukubheka kuyena kukho konke. Emndenini umuntu obaluleke kakhulu ukufundisa izingane izici sokuthobela ngumama. USathane walinga amadodana kaNkulunkulu ukuthi efune ukushada namadodakazi wabantu. Amadodakazi kaKayini wayegcwele umoya woyihlo: uvalo, ukuziqhenya, ukuvukela, intukuthelo kanye nobutha. Zonke lezithelo zobubi zazifihlakele ezinhliziyweni zabantu besifazane ababefunde ukuzenza babukeke bebahle ngaphandle. Amadodana kaNkulunkulu awakwazanga ukuqaphela lezimilo zalaba bantu, washada nabo. Kulemishado kwavela izidlova. IBhayibheli liwabiza iziqhwaga; loku kuhlobene nokuba yisiqhwaga ngokuziqhenya nokuzidla, nokufisa ukuzuza amandla.

> **Gen 6:1-5** Kwathi abantu beqala ukwanda ebusweni bomhlaba, bezala amadodakazi, amadodana kaNkulunkulu abona amadodakazi abantu ukuthi mahle, azithathela abafazi kuwo awathandayo. Wayesethi uJehova: "UMoya wami awuyikubusa njalo kumuntu, njengokuba eyinyama nje; izinsuka zakhe ziyakuba yiminyaka eyikhulu namashumi amabili." Ngalezo zinsuku kwakukhona iziqhwaga emhlabeni, nangasemuva futhi, lapho amadodana kaNkulunkulu engena kuwo amadodakazi abantu, awazalela abantwana. Lana ayengamadodana asendulo anamandla, anegama lodumo. Kepha uJehova wabona ukuthi ububi bomuntu bukhulu emhlabeni nokuthi zonke izizindlo zemicabango yenhliziyo yakhe zimbi njalo.

Ngesikhathi esifushane-nje, umoya wothando nothobelayo kaJesu wasulwa ezinhliziyweni zamadodana kaNkulunkulu kanti nezizindlo zemicabango yabo cishe bonke imibi njalo. UNkulunkulu wasusa uMoya wakhe, wavumela ukuba uzamcolo emise ububi, ukubhidlizwa kanye nodlame

emhlabeni. Wahambela ububi boyise kubantwana kuso isizukulwane sesithathu nesesine. UNkulunkulu waqala phansi ngoNowa nomndeni wakhe, kodwa masinyane-nje uSathane wathola isango lokumisa izisekelo zombuso weBabiloni ngoHamu. Abantu abakade besemhlabeni ngaphambilini babanomthelela omubi kuHamu, ngolunye usuku efica uyise esethendeni lakhe, ephuzile futhi engembathanga, wamphazamisa wenza into ekhohlakele neyihlazo ukukhuluma ngayo njengokuthi izithelo zokungabi into yalutho, ukuvukela, nezokungahlaliseki ezadlulela esizukulwaneni sakhe zafika ezingeni eliphakeme kakhulu lokubusa ngamandla nokuphoxelela nobubi ukugwema nokwemelana novalo nokungahlaliseki ababebhekane nako.

UNimrode wayeyisizukulwane sikaHamu. Naku okushiwo yiBhaibhele ngaye.

> **Gen 10:8-10** UKushe wazala uNimrode; yena waqala ukuba ngonamandla emhlabeni. Wayeyiphisi elinamandla ebusweni bukaJehova; ngalokho kuthiwa: "Iphisi elinamandla njengoNimrode ebusweni bukaJehova." Ukubusa kwakhe kwaqala eBabele, naseKaline, ezweni laseShineyari.

Igama elithi 'onamandla' likhuluma ngohola ngobudlova. Wayengathobeli muntu uNimrode. Uyindoda eyokuqala eBhayibhelini eyaziqamba 'nkosi', kanti ucazwa ngokuthi wamisa umbuso wakhe engafuni lutho nokwenza noNkulunkulu osezulwini. Idolobha elakuqala lombuso wakhe kwakuyilo iBabel noma-ke iBabiloni. Manje ngoba sesibeke phansi isisekelo ngesimilo sikaNimrod, sesingabuka izimpawu zenkolo ayiqala kulombuso wakhe.

Ukuthola okujulile maqondana naloku unga-downloda ibuku elibizwa Ezempilo kulesite maranathamedia.com/book/view/Ezempilo. [iyeza maduze]

## 13. Ingqikithi yeBabiloni

Uma sesicabangisisa imiqobelo eyenza umlingiswa ohlangahlangene uNimrode, cishe sesingaqagela hloboluni lwendlela yokukhonza wayezomisa. Luphoqwa ngumoya wokumelana, kuyakhanya ukuthi kuzoba yinto ephambene kakhulu naloku okuvezwa yiBhayibheli ngoNkulunkulu, kanti loku yikho nqo okwayenzwa nguNimrode. Nasi isiqaphuno ngomunye obhala kakhulukazi ngezomlando uJosephus lapho ecaza sobala lokho okwakusekele inkolo kaNimrode.

> "Manje-ke, nguNimrode owabakhuthaza wabenza babonakalise ubutha obungaka kuNkulunkulu. Wayeyisizukulwana sikaHamu, indodana kaNowa, eyindoda eyayinesibindi, futhi eyayisebenzisa amandla kakhulu. Wabaphoqa ukuba benganiki amandla [nenkazimulo] kuNkulunkulu, kwangathi ngamandla wabo, nenjabulo-nje kungenxa yakhe. Wenza kwangathi isibindi ababenaso, ngalokhu bakwazi ukuthi bezizuzele lenjabulo. Kancane kancane waphendula nombuso ukwenzela ebuse ngobudlova njengoba esebonile ukuthi ayikho enye indlela eyokuphendula abantu ekwesabeni uNkulunkulu, ngaphandle kokubaletha endaweni lapho babezoncika ngakuye njalo..." Josephus. Antiquities Book 1 Chapter 4 Para. 2

UNimrode wenqaba isibusiso sikaNkulunkulu ngokukhetha amanga wenyoka. Wakhetha ukubhekisisa amandla kunokuthi ekhethe isimilo. Wafundisa abantu ukuthi bezibuke bona njengalokhu uSathane wafundisa u-Adamu no-Eve. Lemfundiso yaba nomthelela othusa kakhulu emindenini. Bheka uthini omunya olandayo:

> Igunya lababusi bakuqala lalime emizweni yezihlobo, kanti ukukhuphukela esiqongweni kwakungumfanekiso wokuphathwa ngabazali emakhaya. UNimrode ngokumelane naloku, wayengumbusi wezwe kanye nawo wonke umuntu okulelolizwe, kungakhathazeki ukuba ehlobene nabo noma njani. Ngamphambi kwalesi sikhathi kwakukhona intlanga – ngemindeni ethe ukwanda – esigodini esithile; manje ke kwabakhona isizwe, umphakathi wezepolitiki – iSizwe. A.T Jones. Empires of the Bible. 1904 Page 51

Uhlelo lokhokho lwezikhathi ezidlule lwalubhekise ekutheni lugxamise izimiso zokubusisa ngoba kulalelwa emindenini oyayiholwa ngubaba futhi yondliwa ngumama. UNimrode wayiguqula yonke leyonto wadala isimiso lapho khona umholi oyedwa wendawo ethize, onezinto eziphathekayo ezinjengemfuyo, umhlaba, nezakhiwo. Imindeni ibingabahambi futhi ihlala emakhaya, ibusana ngezigodi ngokuhlabana kwawo. Igunya namandla eyame ekutheni kuhlonitshwa ubudlelwane. UNimrode wayephatha ngokwesabisa ngamandla ayenawo, wenza abantu basebenze ngaphantsi kwakhe ebaphethe ngobudlova.

UNimrode wathatha esinye isinyathelo esimangalisayo ekwephuleni umfanekiso kaNkulunkulu kumuntu ebudlelwaneni obuphakathi komyeni nomkakhe. UNimrode washada nonyoko. Isimo esinje somshado singesokugcina uma sekukhulunywa ngamanyala. Esikude kangaka nomfanekiso kaBaba neNdodana.

Sekefile uNimrode, unkoskazi/umama wakhe, obethiwa nguSemiramis wathi uNimrode manje sekembethe ilanga kanti kwakunguye obavikelayo nobawondlayo. USemiramis waba ngohlanganisa izinto ezisemhlabeni nezisezulwini. Nayi indlela athola ngayo igama elithi “Nkosi-kazi yeZulu”. (UJer 7:18) Ukuxhumana naye kwakuyindlela yokuvikeleka kanye nokuzuza amandla kaNimrode. Lendlela yokukhonza yathuthuka kanti nokukhonza kwelanga kwanda emhlabeni wonke ngaleso sikhathi. Isonto laphenduka ilanga elikhulu eliphakeme lokukhonza kunokuthi kwamukelwe isibusiso esiligugu seNdodaneni kaNkulunkulu [umoya wkhe] esiza ngamahora angcwele weSabatha. Gen 2:3. USeminaramis [esaphila] wazala indodana eyaqanjwa igama elithi Tamuzi. Ukuzivikela, wathi ukhuleliswe ngenxa yimisebe yelanga – uNimrode. Kwaba ngathi uNimrode sephinde wabuya enyameni ngaye uTamuzi. Lokwembatha kwenyama kukaNimrode(Tamuzi) kwahamba kwaba nobuhlobo nokwambeswa kwendalo ngohlobo nokukhonza kwemvelo. Umkhosi wokukhalela uTamuzi wavela uma imvelo iguquka ekugcokisweni oluhlaza (1) ngohlobo (2) nangentwasahlobo. Loku kukhonza kwakubonakaliswa ngomfanekiso kamama(UMadonna) ophethe ingane yakhe.

> **Heze 8:14** Wayesengiyisa esivalweni sesango lendlu kaJehova elingasenyakatho; bheka, nampo abesifazane behlezi belilela uTamuzi.

NgoSemiramis, imfundiso yokuphila komphefumulo nasekufeni yakhula, ukukhonzwa komuntu (kuNimrode), ukukhonza kwamandla nokwenza amasiko athile ukunisa imvula nokukhula kwemifinyo konke kwaphenduka izimfihlakalo zeBabiloni. Ngoba uSemiramis waseyisango lokuzuza amandla kaNimrode, lokhu kwandisa imikhosi yokuzihlanganisa ngokwecansi kwabantu besilisa nabesifazane ukuzuza lamandla. Ngalendlela kwanda umkhuba wokudayiswa komzimba emathempelini kanti ukukhonza kwelanga kwagoqelela ukuphatheka ngokwecansi. Ngakho akumangalisi ukuthi umutnu ongazinikelanga emndenini wakhe, lendlela yokukhonza yayingabukeka ithandeka entliziyweni engekaphendukile.

Iphuzu elikhulu nali, uma injongo yethu ingukuzuza amandla uqobo lwalabo esifisa ukuzuza lawomandla kubo alusabalulekanga. Uqobo nesiqu somuntu sibaluleke kuphela uma ingqikithi yohlelo ingubudlelwane. Indlela yokukhonza yaseBabiloni yayinokwenza nokukhonza kwabantu abathathu abaxhumene ngendlela eyimfihlo noma ngendlela efihlakele. Ngoba uNimrode ubeyindodana kaSemiramise, ephinde yaba ngumyeni wakhe, yaphinda yabayindodana enyameni enguTamuzi, uqobo lwalabantu luba nenkungu bagcine bengunkulunkulu oyedwa oziziqu ezintathu. Njengoba sesishilo, ukwazana noqobo(nemvelaphi) lomuntu akubalulekanga uma injongo yokukhonza kwethu kungamandla abanawo. Lokhu kuhlukene kakhulu kunokukhonza uNkulunkulu odala amazulu nomhlaba. Kubaluleke kakhulu ukuba sazi uqobo lukaYise noNdodana ukuze sikwazi ukuthola injabulo nazo zonke izibusiso zobudlelwane babo. Uqobo lwabo akumele kubhidaniswe, kuhlanganiswe noma kuphendulwe imfihlakalo. Konke esibona loku kwenzeka, singaqiniseka ukuthi ngunkulunkulu wamandla (noma ozibonakalisa ngamandla) okhonzwayo, oyisidalwa sikaSathane, hayi uYise neNdodana abaseBhayibhelini.

Ngokwamava engabanawo nalabo engasebenza nabo, ngithola ukudideka okuningi ngokuthi kukhulunywa ngobani eBhayibhelini ngokwezindimana eziningi, nokuthi uma sithandaza sisuka sikhulumisana nobani. Sengike ngezwa iningi labantu liveza ukudideka kwabo ngokuthi bakhuleka kubani, nokuthi ngubani abangafuni ukumphoxa ngokumushiya ngaphandle. Loku kudideka kuvela kulendlela yaseBabilona yokukhonza, kanti ibonakalisa isifiso sokuzuza amandla kunokufisa uBaba neNdodana kanye nesimilo sabo. Loku kwenzeka umuntu engahlosanga kodwa ngenxa yalokhu abakufundiswayo kubalethela kuloku kudideka. Lendlela yokukhonza

yaseBabiloni yamiswa ngesifiso sokwazisa nokuthanda uNkulunkulu kodwa iyindlela yokukhohlwa ngaye nokubeka umuntu endaweni yakhe.

Noma kunomlando omningi esingakhuluma ngawo ngokukhonzwa kwe langa kwaseBabiloni, iqoqo lokubalulekile yizisekela zezimfundiso nokuhlana kwazo nokuvezwe nguNkulunkulu eBhayibhileni. Indlela yokukhonza uNimrode, uSemiramise, noTamuzi igxamisa okulandelayo

1. Ukukholwa ukungafi komphefumulo
2. Amandla nemikhono avela ngaphakathi
3. Ukunqaba ubuholi bukaBaba/Indlela yokubusisa ehamba nokubuswa yisidlova – Ubudlelwane bukaMama/Ndodana
4. Ubudlelwane obukhohlakele emindenini
5. Abakhi bamadoloba, babheke kakhulu ukugodla umhlaba nemfuyo

Lenhlelo ingukugcwaliseka kwesithembiso sikaSathane sokuthi umuntu uzoba njengonkulunkulu azi okuhle nokubi. Lonke uhlelo lokukhonza oluveza neyodwa yalezici iqhutshwa ngombuso kaSathane. Masikhumbule ukuthi lendle yokukhonza ivele phakathi kwezithelo ezinjengovalo, ukuziqhenya, ukuvukela nokungcoliswa kwezocansi okumelene noNkulunkulu ovezwa eBhayibhelini.

## 14. Umuqa Nendlela Yokwehla

Kuzokusiza ukuqaphela izinyathelo ezathathwa nguNimrode kanye nabangane bakhe ngokuzenzela umbono wabo ngoNkulunkulu. UMphostoli uPhawule uzisa ukuhlolisisa okuphakeme kwalesi sikhathi nemphumela yakho esintwini. Sizosebenzisa lokhu njenge sisekela ukukhuluma ngaloku.

Ekuqaleni uNkulunkulu wadala umuntu ngomfanekiso wakhe. Loku sikubukile esahlukeni esithi *Ngokomfanekiso wakhe*. Esinye isizathu uNkulunkulu wadala umuntu ngalendlela kwakungukufundisa yonke indalo yakhe okunye ngobudlelwane Bakhe neNdodana. Qaphela indlela uPhawule ayisho ngayo:

> **AmaRom 1:19,20** ngokuba lokho okwazekayo ngoNkulunkulu kusobala phakathi kwabo; ngokuba uNkulunkulu ukubonakalisile kubo. Ngokuba okungabonwayo kwakhe, [oku] ngamandla akhe aphakade nobuNkulunkulu bakhe, kubonakala kwasekudalweni kwezwe, ngokuba kuqondakala ngezenzo zakhe[awazenzayo] ukuze bangabi nakuzilandulela,

Kwenza umqondo ukuba uSathane engahlasela kakhulukazi ubudlelwane bomyeni/nenkoskazi ukwenzela ulwazi ngoNkulunkulu lungeke luqondwe. UPhawule ucaza umlando kaNimrode kafushane, sizolandela ngawo kahle.

> **AmaRom 1:21-25** Ngokuba kuthe bemazi uNkulunkulu, kabamdumisanga, kabambonganga njengoNkulunkulu, kodwa balutheka ekuzindleni kwabo; inhliziyo yabo engaqondiyo yaba mnyama. Bezisho ukuthi bahlakaniphile baba yiziwula, nenkazimulo kaNkulunkulu ongabhubhiyo bayiguqula ifane nomfanekiso womuntu obhubhayo, owezinyoni, nowezilwane ezinezinyawo ezine nezinwabuzelayo. Ngalokho uNkulunkulu wabanikela ezinkanukweni zezinhliziyo zabo kukho ukuncola, bahlazisane imizimba yabo, baguqule iqiniso likaNkulunkulu, nalenza amanga; bahlonipha, bakhonza okudaliweyo kunoMdali ongobongekayo kuze kube phakade. Amen.

Njengesizukuluwane sikaHamu, uNimrode wayenolwazi ngoNkulunkulu osezulwini. Kodwa ngesikhathi elalela amanga athi amandla avela kuye

hhayi kuNkulunkulu, wayeka ukunika uNkulunkulu udumo noma atshengise ukubonga ngezibusiso zakhe. Loku kwadala ukuba uNimrode nabangane bakhe bakhohlwe nokuthi bangobani. Izikhundla zabantu abeslisa nabesifazane ezazibekwe nguNkulunkulu zaguqulwa zancoliswa kubhidlizwa umgudu wesibusiso esivela ezulwini. UMoya omnene nothobelayo weNdodana kaNkulunkulu wavinjelwa ukuthi ungangeni emakhaya abo, nezingqondo zabo zafiphala. Okubizwa namhlanje ngokuthi inkululo yabesifazane, nokukhululeka ukuzikhethela ubulili kwabonakala njengentuthuko nentlakanipho kodwa kwabenza baphenduka iziwula.

Sibukile ukuthi ngemva kokushona kukaNimrode, uSemiramise wathi usephenduke unkulunkulu ogoqelelwe kwilanga. Ukuqonda kukaNkulunkulu kwaqala ukuguqulwa ukufana nomfanekiso womuntu obhubhayo. Umuntu waqala ukonakala elawazini lokuthi impilo yakhe ivele kuphi, okwesibili nobudlelwane bowesilisa nowesifazane bawonakala. Amanga okukhonza owesifazane njengendlela yokuthola amandla avela kuNimrode, ukuzalwa kabusha kukaNimrode esenguTamuzi kanye nokukhonza kwemvelo okwakuqokelele izinyoni, nezilwanyane ezinezinyawo ezine nezinwabuzelayo, konke lokhu kwaba yindlela yokusula umfanekiso kaNkulunkulu kumuntu nokuguqula iqiniso likaNkulunkulu libe ngamanga.

Ingqikithi yonkulunkulu weBabiloni kungukukhonza nokuzuza kwamandla. Njengoba besesishilo ngaphambilini, ukufisa inzuzo yamandla akukhathalekile uqobo lwalabo abakhonzwayo, isimilo sabo asibalulekanga njengamandla wabo. Ukuhlobana okufiphele nokufihlakele koqobo lukaNimrode, noSemiramise, noTamuzi kwabanomthelela kuqobo lwabesilisa nabesifazane nezindlela abaphila ndawonye ngazo. Isenzo socantsi senziwa ngesibaluleke kakhulu kungakhathazeki ngobani abasenzayo, Isifanakiselo salesenzo salahleka naso.

> **AmaRom 1:26-28** Ngenxa yalokho uNkulunkulu wabanikela ekuhuhukeni okuyihlazo, ngokuba abesifazane babo baguqula ukwenza okwemvelo kwaba ngokuphambene nemvelo; ngokunjalo nabesilisa bayeka ukwenza kwemvelo kowesifazane, basha
>
> 48
>
> ngokukhanukelana, abesilisa benza okuyichilo kwabesilisa, bezitholela umvuzo ofanele ukuduka kwabo. Nanjengalokho

> bengakunakanga ukumazi uNkulunkulu, uNkulunkulu wabanikela enqondweni yokunganaki ukwenza okungafanele;

Ukungaboni mahluko kobulili kungumphumela wemvelo yohlelo lokukhonza kwaseBabiloni. Kanti ucantsi lubuka njengendlela yokuzuza amandla njengoba sesibonile ngesango uSemirami. Umbono womholi oyinhloko nabathobelayo ngaphansi kwakhe akusabinesidingo. Indaba ekhulunywa liBhayibheli yokuhlukana kobulili ivele ilahleke nayo kugijinyiswa ukukhonza amandla, nomuntu. Bese uPhawule anike ngomphumela waloku:

> **Rom 1:29-32** begcwele konke ukungalungi, nokonakala, nesangabe, nobubi; begcwele umhawu, nokubulala, nokuphikisana, nenkohliso, nobuqili, nokuhleba; beyizinyevuzi, nabazonda uNkulunkulu, nezidlova, nabazidlayo, nabazigabisayo, nabaqambi bokubi, nabangalaleli abazali, nabangenanqondo, nabangathembekile, nabangenaluthando, nabangenasihawu, abathi besazi isimiso sokulunga sikaNkulunkulu sokuthi abenza okunjalo bafanele ukufa, abenzi lokho kuphela, kodwa babuye bavumelana nabakwenzayo.

Abantu bayazibuza ukuba kungani kunobudlwangudlwangu, ubuthi, nobubi obungaka emhlabeni na! AmaRoma sahluko sokuqala aveza ukuthi kuzakanjani nokuthi yingani kwenzeka ngalendlela. Ngakho uqoqo lokubalulekile umuqa nendlela eya ekubhujisweni nayi.

1. Ukukhohlwa ukuthi impilo nazozonke ezinye izibusiso, zivela kuYise kanye neNdodana yakhe.
2. Ukukholelwa ukuthi wonke umuntu ungumsuka wokuphila
3. Ukubhidlizwa kwemindeni kanye nesimiso seNhloko (eholayo) nomzimba (othobelayo)
4. Ukuhlanganisa nokuxova ubulili.
5. Ukukhulisa nokuyandisa kwemizwa yokungabi yinto yalutho, uvalo, ukuziqhenya, intukuthelo, ubutha kanye nokubulala ngendla yokuswelakala kwesibusiso.
6. Ukudala uNkulunkulu ngemicabango yethu ngenxa yobudlelwane obonakele bethu: okucaza ukukhonza kwamandla ngaphezu kwesimilo, nokufiphala koqoba lwalabo esibakhonzayo.

Lapha sibona izinyathelo ezilethela ekuthunjweni yiBabiloni. IBabiloni echazwa yiBhayibheli ingaphezu kombuso ophathekayo. Imele ukuhlaselwa kwengqondo yomuntu ngodlame nangobudlwangudlwangu okungazange kwabonwa. Amandla enawo ukwenza ingqondo isigqila ayamangalisa. Ubuqili esebenza ngalo iBabiloni buyathusa. Izindlela nezimiso elisebenza ngayo ziningi. Amandla amaketane alo akukho ukuwanqamula uma umuntu esethe wathunjwa – ngaphandle kokuthi...

Ngaphandle kokuthi sifunde indaba ka-Abrahamu. Lendaba isinikeza indlela namaphuzu abaluleke kakhulu okuphunyuka eBabiloni. U-Abrahamu wayevela ezweni laseBabiloni, umndeni wakhe ubuhlanganyela ekukhonzeni kwaseBabiloni, kodwa u-Abrahamu waphenyuka. Kuyathathekisa kakhulu ukuthi uPhawule uqala incwadi yakhe KwabaseRoma ekhuluma ngamandla kaNkulunkulu asevangelini bese anikeze imininingwane yaloku ngempilo ka-Abrahamu.

> **AmaRom 1:16-18** Ngokuba anginamahloni ngevangeli; ngokuba lingamandla kaNkulunkulu, kube yinsindiso kulowo nalowo okholwayo, kumJuda kuqala, nakumGreki. Ngokuba ukulunga kukaNkulunkulu kwambulwa kulo, kuvela ekukholweni, kuyisa ekukholweni, njengokulotshiweyo ukuthi: "Olungileyo uzakuphila ngokukholwa." Ngokuba intukuthelo kaNkulunkulu yambulwa ivela ezulwini phezu kwakho konke ukungamesabi uNkulunkulu nokungalungikwabantu abathiya iqiniso ngokungalungi;
>
> **AmaRom 4:16-21** Ngalokho kuya ngokukholwa ukuba kube ngokomusa, ukuze isithembiso siqiniseke enzalweni yonke, kungabi kweyomthetho yodwa kodwa nakuleyo engeyokukholwa kukaAbrahama ongubaba wethu sonke, (17) njengokulotshiweyo ukuthi: "Ngikumisile ube nguyise wezizwe eziningi" phambi kwalowo Nkulunkulu akholwa nguye, yena ophilisa abafileyo nobiza okungekho ngokungathi kukhona, (18) owathi kungekho themba wakholwa ngethemba, ukuze abe nguyise wezizwe eziningi, njengalokho okwashiwo ukuthi: "Yoba njalo inzalo yakho;" (19) engabanga buthakathaka ekukholweni wabona umzimba wakhe obusufa, eneminyaka engaba ngeyikhulu, nesizalo sikaSara sifile; (20) akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa, kodwa waqina ekukholweni, enika uNkulunkulu udumo, (21) eqinisekile ukuthi lokho akwathembisile unamandla nokukwenza.

Indaba yokuphunyuka kuka-Abrahamu eBabiloni yingqikithi yevangeli likaJesu; Sizobuka lendaba manje ukuze sifunde indlela yokuhlehlisa izigaba eziyisithupha zokuya ekufeni, zokwephula amaketane waseBabiloni sizwakalise izwi elikhulu elithi "liwile iBabiloni!"

## 15. Ubizo Lokuphuma eBhabhiloni

Ukukhonza okufiphele kwezithixo kwaseBabiloni kwagcwala wonke umhlaba. Lithi iBhayibheli:

> **uJer 51:7** IBhabhele beliyindebe yegolide esandleni sikaJehova eyadakisa umhlaba wonke; izizwe zaliphuza iwayini lalo, ngalokho izizwe ziyahlanya.

Iwayini leBabiloni yimfundiso yalo ngoNkulunkulu egcwele inkungu edaka ingqondo kubesengathi sidakiwe ngempela. Lezifundo zibhidliza imindeni, zihlephule isibusiso sikaBaba osezulwini, ziphinde zidale ukungabiyinto-yalutho, intukuthelo, nokungaphephi nokuthanda kangaka amandla noma ukuphatha.

Umthelela nenhloso yeBabiloni kungukuphendula imindeni elheli emakhaya ngezinhlobo zawo kube amadolobha bese iZizwe ezinkulu ezivikelwa ngamabutho. Imizana emincane iphendulwa ibe amadolobha anendonga ezinkulu ukwenzela ukuvikeleka kube lula. Intelo kwafanela ibekhona ukwenzela amabutho akwazi ukuthola ukudla kanye nezikhali. Kwadingeka ukuthi kubekhona umbuso owenkosi elukhuni, nobudlova ukuqiniseka ukuba intelo iyakhuphuka. Ngenxa yezimpi nokuchithakala kwegazi egcekeni izinhliziyo zamadoda zaqina kanti nesikhathi esiningi ababesichitha bengekho nemindeni yabo kuhlanganyiswa namasiko okukhonza angasile kwabangela ukuthi izinga lwabadayisa ngemizimba lenyuke nalo. Lokhu kwadala ukubhidlizwa kwemindeni eminingi kanti nabantu abesifazane baphathwa okwezilwanyane ngaphandle umabevuma ukudayisa ngemizimba yabo etempelini lapho babenakekelwa.

Lena kwakuyinxenye yendlela kaSathane yokwesula umfanekiso kaNkulunkulu kumuntu, amephuqe isithunzi sakhe amenze isigqila ngokuhlosa kwakhe empini yakhe noNkulunkulu. UNkulunkulu waphendula ngothando lomusa, wabiza indoda ukuze emise umbuso ngekhaya lapho isibusiso sikaBaba nokubuyiselwa kwalesa similo esiligugu esalahleka – uoya wokuthobela nowokwondla okamama, esifundisa isizukulwane esilandelayo ukuthi uthotshelwa njani uBaba osezulwini neNdodana yakhe. U-Abrahamu noma-ke u-Abrama njengoba wayeqanjiwe waphila iminyaka emifushane

emva kwesikhathi sikaNimrode kodwa obunye ubufakazi butshengisa ukuthi baphila ngesikhathi esifanayo, isikhathi lapho indlela yokukhonza yaseBabiloni iphethe izwe lonke.

> **uGen 12:1-3** Ujehova wathi ku-Abrama: "Phuma ezweni lakini, nasezihlotsheni zakho, nasendlini kayihlo, uye ezweni engiyakukukhombisa lona. Ngiyakukwenza isizwe esikhulu, ngikubusise, ngenze igama lakho libe likhulu, wena ube yisibusiso. Ngiyakubabusisa abakubusisayo, nokuqalekisayo ngiyakumqalekisa; imindeni yonke yomhlaba iyakubusiswa kuwe."

Indawo u-Abrama wabizwa kuyo ukuba eyishiye yingqikithi yombuso kaNimrode, lamaKaledi.

> **uGen 11:26-28** uThera wahmba iminyaka engamashumi ayisikhombisa, wazala o-Abrama, noNahori, noHarana. Lezi ziyizizukulwane zikaThera.UThera wazala o-Abrama, noNahori, noHarana; uHarana wazala uLoti. UHarana wafa phamb kukayise uThera ezweni lokuzalwa kwakhe, i-Uri lamaKaledi.

UNkulunkulu wayefanele ethathe u-Abrama kwikhaya ayekhule kulo ukuze ephule ubudlelwane kanye namasiko wokukhonza. UNkulunkulu wayezobusisa u-Abrama ngolwazi lombuso wekhaya osekelwe ebudlelwaneni bukaYise neNdodana. UNkulunkulu wenza uSara edlulwe yisikhathi engekazali baze bafike ekufundeni kwalezizimiso kuqala bobabili.

UNkulunkulu wenza u-Abrama abe yisibusiso ngokumenza isibonelo sendlela umndeni omele usebenze ngayo. Bonke ababengafunda izimiso zalesi sibonelo babezithola isithumbululi-nkinga sokwamukeliswa izibusiso zikaBaba enhliziyweni yabo, kuphinde kubanike ulwazi lokuthi bayathandeka ngenxa yaloku abayiko, hayi ngoba benamandla athile kubo. Umbuso omkhulu owathenjiswa u-Abrama ubunemibandela yokuthi isisekelo somndeni sicace.

> **uGen 18:18,19** U-Abrahama uyakuba yisizwe esikhulu, esinamandla; ziyakubusiswa kuyena izizwe zonke zomhlaba. Ngokuba ngimkhethele ukuba ayale abantwana bakhe nendlu yakhe emva
>
> 53

> kwakhe ukugcina indlela kaJehova nokusebenza ukulunga nokwahlulela, ukuze uJehova amenzele u-Abrahama lokho amthembise khona."

Umusho othi "ngiyamazi" kunikeza umbono othi kwakukhona ubudlelwane obusondele kangaka phakathi kukaNkulunkulu no-Abrahama waze wamufundisa u-Abrahama ukuba unkosikazi unakekelwa kanjani kanye nabantwana. Wamcazela ukuthi kwahlelwa kwasekuqaleni ukuba umyeni, ubaba ungumgudu kaBaba osezulwini ukuba ethele isibusiso sakhe ngayo, esokuthi uthokozile ngabo. UBaba nomyeni wayengathwalanga imbuwe eyayimele inakekelwe nokwondlwa ngumkakhe ukwenzela kukhule abantwa; kodwa akugcinanga lana wayethwele nembewu kamoya ukunika unkosikazi wakhe ulwazi lokubonga, nothando; nokuthi abantwana bazi ukuba banenjongo futhi nesisindo. Naka sithini iSaga ngaloku:

> **Izag 17:6** Abantwana babantwana bangumqhele wabadala, nodumo lwabantwana lungoyise.

Imikhono ka-Abrahamu yokubusisa unkosikazi wakhe nabantwana incike kakhulu emoyeni wokuthobela kaSara; Igunya namandla ayenawo wayexhomekeke kuloko uSara wayemnika lona. Ngokumthandazela ngamandla umyeni wakhe nobuholi bakhe, enethemba futhi lokuthi uNkulunkulu uzombusisa ngamazwi nezinqumo ezinhle, ethobele futhi ethemba amazwi ayekhulunywa ngumyeni wakhe, ngokwenza loku nabantwana bakhe babezobona ukuthi akushoyo kubaluleke ngempela. Abantwana babheka umama ukubona ukuthi ingabe amazwi akhulunywa ngubaba abaluleke kangakanani na, nokuthi anamandla kangakanani. Umphostile uPetro uyasitshela ngoSara nendlela afunda ukubaluleka ukuziphatha kwakhe kumyeni wakhe.

> **1 Pet 3:5,6** Ngokuba kade bezihlobisa kanjalo abesifazane abangcwele abamethembayo uNkulunkulu, bethobela amadoda abo, njengalokhu uSara wamlalela u-Abrahama embiza ngokuthi inkosi, eningabantwana bakhe, uma nenza okuhle, ningesatshiswa nokukodwa okwesabisayo.

Ngoba u-Abrahamu noSara bavela eBabiloni, kwakukuningi okwakumele bekufunde. Bobabini benza izimpazamo endleleni ezenza ukuthi ukuvela

kuka Isaka kuthathe isikhathi eside. Ngemva kwezilingo nezifundo eziningi, bavumela ukuthi uNkulunkulu abusise u-Isaka ngoMoya weNdodana yakhe kangaka ngangokuthi u-Isaka wayevuma ukuthobela ukufikela nasekufeni njengoJesu wayethobela kwaze kwaba esiphambanweni. Naye U-Abrahamu wafunda ukuthokozelela umoya wokuthobela ngokunquma ukumethemba uNkulunkulu nalapho kubukeka kungenzeki khona.

> **Gen 22:1,2,10-12** Kwathi emva kwalezo zinto uNkulunkulu wamvivinya u-Abrahama, wathi kuye: "Abrahama!" yena wathi "ngilapha." Wayesithi: "Thatha manje indodana yakho eyodwa oyithandayo, u-Isaka, uye ezweni laseMoriya, unikele khona ngaye abe ngumnikelo wokushiswa entabeni ethile engizakukutshela yona." U-Abrahama waselula isandla sakhe, wathatha umese ukuba ahlabe indodana yakhe. Kwase kumemeza kuye ingelosi kaJehova isezulwini, ithi: "Abrahama, Abrahama!" yena wathi: "Ngilapha." Yayisithi: "Ungabeki isandla sakho kumfana, ungenzi lutho kuye, ngokuba ngiyazi manje ukuthi uyamesaba uNkulunkulu, lokhu ungagodlanga kimi nandodana eyodwa yakho."

Kuyamangalisa ukucabanga ukuthi ngempilo yomuntu oyedwa uNkulunkulu wakwazi ukubhidliza uhlelo lobugqila leBabiloni engqondweni yakhe akhonze uNkulunkulu weqiniso osezulwini. Uhambo luka-Abrahamu ephuma eBabiloni luyisisekelo ohambeni lwethu nathi nanamhlanje. UNkulunkulu weqiniso osezulwini neNdodana yakhe basibizela uba siphume ekukhonzeni konkulunkulu bamanga balomhlaba singene embusweni wabo wobudlelwane lapho khona ukubaluleka kwethu kuvela ebudlelwaneni bethu nemindeni yethu, hayi ezintweni esizizuzayo kulomhlaba.

Izimiso zalencwajana zikhulisiwe zacazwa kabanzi encwadini yami ebizwa *Ezempilo* ongayithola nayo kuMaranathamedia.co.za/zu/. Sicela uzitholele lencwadi ukuzwa kabanzi ngohlelo lwesibusiso lomndeni oluhlula umbuso kaSathane nje ngokuba nolwazi nokuqonda kahle uNkulunkulu neNdodana yakhe.

# Ukuhlakanipha kukaNkulunkulu

Onayo iNdodana unokuphila. Yindaba lokhu kunje na? Ngoba eNdodaneni kaNkulunkulu kuhleli inhliziyo ehlanzenzikile elalela uYise. Uhlezi njalo enza okuthokozisa uBaba. Unesibusiso sikaBaba kanye nothando lwakhe olujulile. Inhliziyo yeNdodana iphumula ngokuphelele othandweni likaYise

Kungukuhlakanipha kukababa ukwabelana ngoMoya weNdodana yakhe ethandekayo nomhlaba wonke; uMoya omnadi, omnene nolalelayo, othanda umthetho kaBaba. UKrestu ungukuhlakanipha kukaNkulunkulu nesivikelo sombuso wakhe owobudlelwane bothando.

LoMoya omnene uvela esihlalweni sikaNkulunkulu, udlula isihlahla sokuphila. USathane wenqaba iNdodana kaNkulunkulu nomoya wakhe omnene. Lomoya wokuvukela wadlulela kusintu. Ngomnikelo kaKrestu siphinde sanikezwa loMoya omnene. Imfihlo yokwamukeliswa loMoya isekwazini ukuthi uBaba neNdodana bangobani - ukuphila okuphakade yiloku ukuba sazi uBaba neNdodana...